# *Hambani, Nivuse UJesu*

. . . Nkosi, ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, Nkosi, ng'yakholwa.

2 Asibe silokhu simile umzuzwana nje, senzele umkhuleko. Futhi njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje, angazi, embuthanweni lapha, nasendlini engaphansi, uma bekukhona . . . naphezulu kuvulande ophezulu, nomaphi, uma noma ubani eBukhoneni bobuNkulunkulu engathanda ukwaziwa kulobubusuku phambi kukaNkulunkulu, ngesicelo esikhethekile, ungaziphakamisa nje izandla zakho kuYe manje. Futhi bamba umcabango wakho manje nalokho okucabangayo, futhi ukholwe nje ukuthi uKristu umi phambi kwakho ngqo.

3 Baba waseZulwini, simi lapha siphakamise izandla zethu, futhi, njengoba umfowethu eshilo, "Kuwuphawu lomhlaba wonke lokuzinikela." Futhi siyazinikela kuWe, njengezigaxa zobumba eziphuma emhlabeni, futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobagcwalisa kulobubusuku ngoMoya waKho nokuPhila, futhi Uzitholele udumo. Khuluma ngathi, kulobubusuku. Sebenza ngathi, kube udumo lwaKho. Phendula sonke isicelo, Nkosi. Uyazazi zonke. Uyazi ukuthi yini engemuva kwezandla zethu, nezinjongo zethu, izimpokophelo zethu, nalokho esikufunayo, futhi i . . . lokho esizokwenza ngakho uma sikuthola. Futhi, Nkosi, ngiyakhuleka ukuthi Uzohlanza izinhliziyo zethu, nemicabango, nezingqondo, ukuthi uma besingemukela esikucelayo, kuzoba ngokodumo lwaKho. Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

4 Kuhle ukubuyela endlini yeNkosi, kulobubusuku. Ngingahle ngizwe nje ngimisiwe kancane. USathane ubelokhu ezama ukunginika umkhuhlane omubi, kusukela eNew York. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho enginika wona, ngiwubuyisela ngqo kuye; bese enginika wona, futhi khona-ke ngiwubuyisela kuye ngqo, niyabo. Ngakho-ke sithi ukuqophisana ngalokho, ngakho-ke ngiyazi ukuthi iNkosi izongenelela emva kwesikhashana futhi ithathe izinhlangothi. Futhi ngakho-ke . . .

5 Futhi ngikhulekela ukuthi iNkosi izoninika zonke izicelo zenu, kulobubusuku. Manje sinikele kulobubusuku okwenkonzo yokuphulukisa. Manje, ngicabanga ukuthi iningi lenu liyamangala, ngokuvamile, ekufikeni ngaphesheya kwezwe, bona . . . Ngiyamemezela ukuthi ngizoba nomhlangano, umcabango wokuqala ungukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, niyabo.

6 Kodwa, kukhona okwengeziwe enkonzweni kunokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, niyabo. Umzimba ogula kunayo yonke engiwaziyo, kulobubusuku, yilowo okubizwa ngoMzimba kaJesu Kristu. Udinga ukuphulukiswa ngokomoya. Linye kuphela ibhalisamu engilaziyo ukuthi lizophulukisa, futhi lelo yiZwi. Futhi lowo nguMzimba ogulayo esifuna ukusukuma emandleni okuqina namandla amavithamini eVangeli. Futhi yingakho ngisebenzisa isikhathi esiningi manje ekuzameni ukuqinisa iBandla, ngeZwi.

7 Ngiyazi ngingumbambeli ongekho kahle ukuthatha indawo yomfundisi, umfundisi oyisifundiswa. Kodwa ngiyakukholwa lokhu, ngaphandle kokunganaki e—enkonzweni yezomfundaze. Ngangifisa sengathi nganginayo. Futhi angizami ukusekela ukungazi kwami, ngokusho lokhu. Kodwa esikudingayo manje, ngaphezu kwesikudingayo ohlangothini lwesihlakaniphi ukwazi ukuthi silihlanganisa kanjani iZwi futhi siLenze lifaneleke ngobungcweti, nguNkulunkulu. Sidinga uNkulunkulu. Niyabo? Niyabo? Futhi akuveli njalo ngamazwi abunjwe ngendlela efanele. Ku—kuvela ngenhliziyo ezinikele, naleyonhliziyo ezinikele kuNkulunkulu futhi yenza intando kaNkulunkulu. Manje, ufanele wazi intando ngaphambi kokwenza intando. Thola ukuthi yini oyizele lapha. Akusikhona nje u . . .

8 Bengihlale ngicabanga ukuthi iBandla lalingekhona okumahlaphahlapha. UJesu akazange neze eze emhlabeni ngendlela emahlaphahlapha. Akazange neze afe ngendlela emahlaphahlapha. Uzela inhloso, futhi leyonhloso kwakungukugcwalisa uMyalo kaNkulunkulu, ukuthi Angahle aMthengele iBandla elingenabala noma umbimbi.

9 LeloBandla liyiBandla elamiselwa ngaphambili. Lonke igama elake lafakwa kuleyoNcwadi, uJesu weza ukuzolihlenga. Futhi uma igama lokugcina selihlengiwe, iNcwadi isivaliwe. Manje, Wayengahlosile ukuthi kungabikho noyedwa olahlekayo, kodwa ukwazi kwaKhe ngaphambili kwaMazisa ukuthi ubani owayezolahleka. Ngakho-ke, Wayengamisela ngaphambili, kwase kuthi-ke amagama abo afakwa eNcwadini. Bese kuthi-ke lapho leyoNcwadi yokuhlengwa isivaliwe futhi yanamathiselwa ngezimpawu eziyisikhombisa, ngenkathi kwakusetshenzwe nga—ngamandla afihlakeleyo kaNkulunkulu. Futhi ngolunye usuku lapho iNcwadi yokuhlengwa isiqediwe, iWundlu liyaYithatha. Bese kuthi-ke igama lokugcina liyabizwa kulokho, iWundlu liza ngaphambili ukubiza lokho Elikuhlengile, lelo yiBandla laKhe. Futhi ngikholwa ukuthi lesosikhathi sesisondele.

10 Futhi manje ngibe nezikhathi ezinzima kakhulu zokwenza lokhu, futhi into eyodwa, ukuzama ukugcina irekhodi lami—lami licacile. Manje, izikhathi eziningi, ngibe nezikhathi eziningi ezikhangisiwe nezindawo lapho nga—ngangingangingazange ngazi lutho ngokuba lapho, nesikhangiso

esingamanga. Noma yini nje uSathane abengayiphonsa kimi, ukwenzile. Omunye uyafika ngolunye usuku, wathi, "Ngifuna ukwazi uma lokho kuyiqiniso. Ingabe sizoba lapho na? Ngi—ngifuna ukukwazi nje." Niyabo?

11 Manje lapha maduze nje, ngangikhangiswe eNew York, ngingazi nokukodwa ngakho. Omunye weChristian Businessmen watshela indoda ukuthi ngangizoba lapho ngalesosikhathi, futhi wayeyitshelile ukuthi kuzoba kahle. Futhi lokho—lokho kwakungenyanga ka-Oktoba, ingqungquthela yabo yayikhona. Futhi ngangiyitshelile lendoda ukuthi ngangizoba lapho ngoNovemba, iviki lokuqala ngoNovemba, ngangizoba seNew York, futhi bengizokhuluma engqungqutheleni yabo uma kwakuyilesosikhathi. Wathi, "Awu, yilapho okuzoba khona." Kodwa wathi u-Oktoba, niyabo, leyonto encane. Futhi indoda eNew York, ngaphambi kokubuza, ukuxhumana nathi, yakukhangisa kusosonke isifunda, niyabo, ukuba lapho.

12 Emavikini ambalwa edlule, bekunencwadi ejikelezayo ebekwe lapha eMemphis, eTennessee, enegama lami elisayinwe kuyo, ikhophi efothostatiwe, futhi yathi kade nginalomuntu "izinsuku ezingamashumi amathathu, ekuzileni ukudla." Izinsuku ezintathu ngezinde kunazo zonke engake ngazizila ukudla empilweni yami. Umuntu, angikaze ngilizwe igama lakhe empilweni yami; yathi ngaphuma nokuzila ukudla kuye, kanye naye, njalo, futhi yasho ukuthi ngangizoba lapho ngezinsuku ezithile, itshela bonke abangani bami bangaseMemphis ukuthi babe lapho kulomhlangano othile. Angikaze ngizwe ngendawo, angikaze ngiyazi indoda, angikaze ngazi lutho ngayo, empilweni yami; neyamanga, isiginesha efojiwe. Angilisayini ngisho igama lami; Angikholwa ukuthi noma ngubani angaphinda alingise isiginesha yami, ngoba angiyazi ngisho emuva kokuthi sengiyisayinile. Ngakho, kuyinto embi kakhulu, angiboni ukuthi noma ubani uzama—zama kanjani ukwenza lokho.

13 Ngangisebhange, lapha esikhathini esingeside esedlule. Sasifanele sibale yonke into, ekubaleni sikugcina kuqondile kanjalo. Isheke elikhanseliwe yi—yirisidi ezedlula zonke ongaba nayo. Futhi manje kade senza lokho kusukela sashada. Futhi ngakho-ke umphathi webhange wathi, "Angikholwa ukuthi noma ubani angake ayifoje leyosiginesha, Mnu. Branham."

14 Ngathi, "Awu, uyazi, bathi yonke into isebenzelana ibe ngokuhle."

15 Futhi ngakho-ke—futhi ngakho-ke, lapho, lezozinto zikugcina kunzima, kwenza abantu bacabange ukuthi uqamba amanga, lapho, ngi—ngangingazi lutho ngokuba lapho. Futhi kukwenza ngakho-ke, ngaphandle kokushicilelwa noma lutho, Ngizamile ukugcina inkonzo yami lapho engangingaya khona noma yikuphi lapho iNkosi engibizele

khona. Ngangingenazibopho kwilutho noma muntu ngaphandle kukaNkulunkulu, ngihlale naYe nje.

16 Inhloso yami bekuwukuthi, ebandleni, ukuzama ukususa lowombono kulababantu baseMelika, ukuthi ufanele ubeke izandla phezu kwabo. Niyabo? Ngine—ngine . . . Uma wenza lokho, kubonakala sengathi wena u . . . Bathi, "Awu, Mfowethu *S'bani-bani* uyafika, wangibeka izandla." Vumela nje uJesu abeke izandla zaKhe phezu kwakho, uyabo, nokukholwa kwakho kufinyelele phezulu futhi kuMthinte. Kodwa manje sengibe neminyaka cishe eyishumi nesithupha, futhi ngehluleke isiqothu ngakho, niyabo, bona . . . ngoba baningi kakhulu abafuna ukukukholwa ngenye indlela. Futhi ngakho-ke senelisa abantu, sikwenza noma kanjani, sibeka izandla phezu kwakho.

17 Kodwa umbono wami, ukuthi uma singabona uBukhona futhi sazi ukuthi uJesu Kristu ulapha, yini enye eniyidingayo, lapho lonke ibandla likhuleka ngesikhathi esisodwa na? Niyabo? Yilapho amandla eNkosi ewa khona, lapho iZwi laziwa. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi." Lapho iZwi lishunyayelwa, futhi LiyiQiniso, noNkulunkulu efakazisa uBukhona baKhe, lokho—lokho kufanele kwenze umsebenzi khona lapho.

18 Manje, manje, kusasa ekuseni . . . Manje, kulobubusuku, njalo, ngiyaxolisa, kulobubusuku nginendaba emfushane nje, ngoba sizokhulekela abagulayo. Kodwa kusasa ekuseni, manje, ngicabanga ukuthi ngizoba nesifundo sikaSonto sikole. Ngabe kunjalo na? Konke kuzoba sehholo elikhulu lapha, futhi ngine—i—indaba engingathanda, uma iNkosi ithanda, kwaku . . . uma Engivumela. Ngifanele ngiyisho ngaleyondlela, niyabo. Ngiyacabanga . . . uma u—uma ungenawo uSonto sikole wakho uqobo manje. Uma unoSonto sikole wakho uqobo, hamba uye kuSonto sikole wakho. Ufuna ukuYizwa, banamateyipu. Ngakho-ke ngizoba nokuthile enhliziyweni yami, engingathanda ukukhuluma ngakho, mhlawumbe kungaba u—usizo olukhulu kini, ukuqonda i—isizathu sokushumayela iVangeli ngendlela engizame ukuLishumayela ngayo futhi ngiLikholwe. Niyabo, yilokho isizathu uNkulunkulu ekwenzile. Izimfihlakalo zeVangeli ebezifihliwe kusukela ekusekelweni komhlaba, kodwa bekufanele kwembulwe ngalezizinsuku zokugcina. Futhi ngakho-ke, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngalokho.

19 Khona-ke, kusasa ebusuku yinkonzo yokuvala, futhi singathanda ukuba niphume uma kungenzeka ningakwazi.

20 Khona-ke kusukela lapha kuya eYuma, futhi kusukela eYuma kuya ePhoenix, bese-ke kubuya. Sisuka lapho, bese kuthi-ke ngiyahamba ohambweni oluncane lokuzingela, ngesikhathi seholide, Iholidi likaKhisimusi, nabanye babangane bami. Umkami uzovakashela abantu bakubo. Futhi—futhi

khona-ke siyahamba sisuka lapho, ukuthatha uhambo sinqamule eCalifornia, futhi sehle futhi sikhuphukele entshonalanga, ingxenye engaseningizimu yezifundazwe lapha, ukudlula eLouisiana naseTexas, naseFlorida. Bese kuthi-ke ukusuka lapho, phesheya kwezilwandle, iNkosi ithanda, okohlu lokuhamba olude. Futhi ngiyayinxusa imikhuleko yenu.

21 Manje, kungukuthi, bekungaba kuhle uma nje besingajabulela uBukhona bamandla aKhe okuphulukisa nakho konke, kodwa kunokuningi okuhambisana nakho kunalokho. Niyabo, okuningi okuhambisana nakho. Bese kuthi-ke, yileyonto-ke, lapho usungena kokuthile, lokho ngukuthi, kucasula abantu. Manje, wonke umuntu wayekholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ngani, babeyovele bawele ngqo kulokho kuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi bathi, "Makabongwe uNkulunkulu," futhi bamemeze futhi babe nesikhathi esimnandi. Kodwa khona-ke kuthiwani . . . Leso nje isicupho ehhukwini, niyabo, lokho nje i—isicupho. Ihhuku yilokho okubamba inhlanzi, nehhuku yiZwi. Manje, uJesu wayeyiNdoda ethandwa ngabantu kakhulu inqobo nje uma Ayekhulekele abagulayo.

22 Manje, asisuye uJesu, kodwa ngu—nguYe esebenza ngathi, thina sonke, ndawonye. Akekho nje kumuntu oyedwa. Ukulo lonke ikholwa. Sikholwa kanjalo-ke kube ngukuPhila. Bese kuthi-ke, kulokho, niyabo, kukhombisa ukuthi akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubengangigcoba kangakanani, khona lapha kulomsamo, uma Engakugcobi ngendlela efanayo, plaphaya, akukho okuzokwenzeka. Kuthatha thina sobabili, ndawonye. Thina, sifanele sibe njalo, sobabili, ukuthi sifanele sibe ngamakholwa sobabili.

23 Ngaphandle uma kukhona Afuna ukukubiza, ukukhombisa nje amandla aKhe amakhulu, niyazi, makwenziwe okuthile okuvumela umuntu othize ozama ukwenza into ethize engalungile, noma okuthize, Uyokubiza lokho. Niyabo, kodwa ufanele, sivele sikubuke lokho. Isizathu, ngezinye izikhathi Usitshela izinto, futhi abantu (tshela) utshelwa izinto abangafuni ukuzizwa. Futhi angifuni ukukusho, kodwa, uma Engokhulumayo, thina nje siyalalela bese-ke kuba u—ukuphenduka. Manje cabanga ngalezizinto, futhi ukhuleke.

24 Futhi khumbulani manje, njengoba ngifanekisa inkonzo yaKhe, niyabo. Okokuqala, umprofethi waseGalile, wonke umuntu waMkholwa ukuthi ungumprofethi. Kodwa Wayengu "mprofethi," ukuphulukisa abagulayo, kodwa lapho Ethintana nabaFarisi nabaSadusi, namasiko abo, khona-ke Uba u "hlanya." Bathi, "Uyahlanya." Babengafuni kuhlanganisa lutho naYe. Futhi ekugcineni kwaholela ekubethelweni kwaKhe.

25 Futhi yileyondlela okuhlala kwenziwa ngayo. Ezansi kudabule eBhayibhelini, kwenze into efanayo. Futhi kuzofanele

kwenze into efanayo ngalendlela, ngokuba nguNkulunkulu. Kuzofanele kufike kulokho kuphela impela kwesikhathi. Kodwa awusoze wawubethela uMlayezo. Ungasibethela isithunywa, kodwa awusoze wabethela umlayezo waso uma uvela kuNkulunkulu, ngoba nguMlayezo. Siyisithwali soMlayezo nje.

26 Manje njengoba kade sikhuluma imizuzu embalwa, bhekisisani, sekungelesishiyagalombili ncamashi manje, futhi ngifuna ukuzama ukuba ibandla likhishwe ngokugamanxa kwelesishiyagalolunye, ukuze nithole ukuphumula futhi nifinyelele kuSonto sikole. Futhi kusasa usuku olukhulu. Lokhu kuzoba izinkonzo ezimbili kimi, namuhla. Futhi—futhi ngenkathi ngisengumfo osemusha . . . Izinkonzo ezimbili zinzima kunoma yimuphi umfundisi, uma uzithatha ngenhliziyo yakho yonke. Manje uma uya lapho nje uyofuna inkulumo encane yobuhlakani, ungazenza njalo ngemizuzu engamashumi amathathu, amashumi amane, osukwini, futhi kungalokothi kukukhathaze. Kodwa lapho ubeka yonke inhliziyo yakho lapho, ubambe uMoya kaNkulunkulu phambi kwabantu, lokho kwehlukile.

Manje asikhuleke.

27 Baba waseZulwini, makuthi izibusiso zaKho nesihawu kuhlale phezu kwethu manje, njengoba sisuka enkulumweni yethu, siya eZwini. Futhi iZwi malenziwe inyama phakathi kwethu, futhi kulobubusuku, ukuze ibandla lingahle kanye futhi, thina sonke, ndawonye, sibone, sizwe, futhi sazi, uBukhona bukaJesu Kristu, iNkosi yethu evukile. Ngokuba, siyaMthanda, uBukhona baKhe bungukuPhila kithi. Futhi sengathi singaphumula, kulobubusuku, eNkazimulweni yeShekina futhi siqonde ukuthi yiNkazimulo yeShekina, eBukhoneni baKhe. Sikucela eGameni likaJesu, ukuthi Uzosihlephulela iZwi manje. Amen.

28 Manje phenyani emaBhayibhelini enu, uma nikukhathalela, eNcwadini kaMarku oNgcwele, isahluko se 4. Futhi—futhi indikimba yami kulobubusuku, ngizoyibiza ngokuthi, *Hambani, Nivuse UJesu*. Futhi indaba yami kulobubusuku ithi, "Ukubizela UJesu Enkundleni." "Hambani, niMvuse," Mbizeleni enkundleni! Nakhu ukufundwa komBhalo, kuMarku oNgcwele, isahluko se 4, siqala ngevesi la 35.

> *Ngalolo suku,* sekuhlwile, *wathi kubo, Asiwele siye ngaphesheya.*
>
> *Base bemukisa isixuku, bahamba naye njengalokho ebesemkhunjini.*

29 Ngeke yini lokho kwenze indikimba emangalisayo, "Mthathe njengoba Enjalo"? Mthathe ngendlela Ethulwe ngayo kuwe, niyabo, Mfake emkhunjini.

> *Kwakukhona naye eminye imikhunjana.*

*Kwase kuvuka isivunguvungu esikhulu somoya, amaza ashaya* ngase *mkhunjini, waze wagcwala.*

*Yena wayengasemuva emkhunjini, elele emcamelweni: bamvusa, bathi kuye, Mfundisi, awunaki nakuba sibhubha na?*

*Wayesevuka, wakhuza umoya, wathi kulo ulwandle, Thula, uthi du. Kwanqamuka umoya, kwaba-khona ukuthula okukhulu.*

*Wathi kubo, Yini ukuba nesabe kangaka na? yini ningabi nakukholwa na?*

*Besaba ngokwesaba okukhulu, bathi omunye komunye, Kanti lo ungubani, lokhu* imimoya *nolwandle kuyamlalela na?*

30 Futhi umBhalo uthi, "Unguye!" Imimoya namagagasi kuyaMlalela.

31 Kumele ukuthi Wayekhathele kancane ngalolosuku. Inkundla yethu ithola iNkosi yethu, kulobubusuku, njengoba sizama ukuthatha isikhathi ngasinye, ukuhlela lapho Ekhona, nalokho Akwenzayo.

32 Ngiyathanda ukuMlandela, anithandi na? Ngiyathanda nje ukuMlandela futhi ngibuke imisebenzi yaKhe. Futhi nje ukucabanga ukuthi ngolunye usuku sizoba naYe futhi siMlandele, naYe, mathupha, njengokubona umuzwa wethu wokubona njengoba senza manje, futhi—futhi sibe naYe kuze kube phakade. O, ukuMbuka nje, bekungaba kuhle ngokwenele kimi. UkuMbona nje, lokho—lokho—lokho bekunganela kimi.

33 Futhi manje sizama ukuthatha inkundla, futhi siyaMthola lapha lapho Ekhona, lokho Akwenzayo. Futhi inkathazo iyaqhamuka, nokuthi Uyinakekela kanjani inkathazo, futhi abatshele ukuthi kungani babengeke bakwenze. Futhi siyaMthola olwandle, kwingemuva lesikebhe. Wayesanda kuba nosuku olwesabekayo. Akungabazeki ukuthi umzimba waKhe wawukhathele, futhi Wayekhandlekile. Futhi ezizwa ekhathele futhi ebuthakathaka, amandla ayephumile kuYe, ngoba Wayekade eshumayela futhi—futhi ekhombisa isibonakaliso saKhe esikhulu sokuthi WayeNgubani, futhi efakaza kubantu, futhi ephulukisa abantu.

34 Futhi—futhi izixuku, abanye behalalisa, futhi abanye behewula. Ungathini abantu benza lokho kuJesu na? Kwakubukeka sengathi babazi kangcono kunalokho. "Awu," wena uthi, "lokho . . . "

35 Benza into efanayo namhlanje, ngokufanayo nje. Niyabo, uma Efika namhlanje, futhi nje entweni efanayo, indlela Enza ngayo ngaleyonkathi, abantu namuhla babeyoMu "hewula" futhi baMbize ngokuthi "uyahlanya" njengoba benza ngaleyonkathi. Niyabo, bekuyoba okufanayo nje. Futhi

bayakwenza. Babengeke baMqonde. Izwe alizange liqonde umnyakazo weqiniso kaNkulunkulu. Futhi alisoze liwuqonde, ngoba yizwe.

36 "Izwe alisaNgiboni," Wathi, "kepha niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyoba nani, futhi Ngiyoba kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Uma abantu nje bebengabona leso sicaphuno esisodwa esivela kuYe, khona lapho, bebezoqonda ukuthi sikuphi kulobubusuku.

37 Ubungathini umuntu ongakaze abe nomuzwa wokubona, ongakaze abone na? Futhi ubuzoshayisa ezintweni. Ubuyosusa ukudla kwakho emandleni, kwamanye amasu. Kodwa ubuyo—ubuyozishayisa entweni ethile. Ubunomuzwa wokuzwa, kodwa hhayi ukubona. Futhi khona-ke, khona manjalo, omunye wavuma amehlo abo, futhi wabona izwe elehluke ngokuphelele. Abakaze babone lutho.

38 Futhi uma khona-ke ubungathi, "Awu, manje, lokho kufanele kuzwakale kufudumele ngempela kuwe, lelo yilanga."

"Liyini ilanga na?"

"Lingukukhanya."

39 "Kuyini ukukhanya na?" Niyabo, akakaze aphile kulowomqondo. Akazi ukuthi kuyini.

"Ukuthi uzingqubuza e, yinto *ethize-thize*."

40 "Awu, yini lokho na?" Niyabo, akakaze aphile kulelozinga, nhlobo. Bekungaba ngokuxakile kakhulu kuye, ukukwazi.

41 Awu, manje, uma uNkulunkulu esivumela ukuba siphile, silapha ngokomzimba emizweni emihlanu. Kodwa kukhona omunye umuzwa. Futhi khona-ke uma sivukela kulowomuzwa, futhi lowo ngumuzwa wombono, futhi siyayibona leyonto, ukuthi kuyini lokho okusenza sizwe lezizinto esizizwayo. Futhi sizame ukutshela omunye ngaKho, kufane nje nokutshela umuntu ongakaze abone, empilweni yakhe. Wayengeke akuqonde, ngoba a—akajwayelene nalowomuzwa. Futhi kungaleyondlela eVangelini. Bona, abakuqondi. Kunzima ukubenza bakubone, ngoba abakaze bahlale lapho. Abazi lutho ngakho. Bayakuzwa, futhi ba—bangaba nomnyakazo wakho; kodwa ukwazi empeleni ukuthi kuyini, asazi. Ngakho-ke uma ungabona ngale kwalelokhethini, lapho lokho kuvela khona, futhi khona-ke uzame ukubuya futhi utshele abantu abakuzwile kuphela ngomuzwa wokuzwa, njengokuthi, futhi abangakaze bakwazi ukukubona, kunzima ukutshela indoda. Kodwa ufanele wenze okwedlula konke kuze kuthi "sonke sibonana ubuso nobuso."

42 Manje sibona uJesu lapha, ekhathele, ekhandlekile, futhi ngingacabanga nje, Yena azi ukuthi kunomsebenzi omkhulu ngakusasa, uMmele, ngale eGadara, lapho kwakukhona umphefumulo owodwa owawumemeza uNkulunkulu. Ungathini

nje uJesu ethatha i . . . ekhathele futhi ekhandlekile, futhi ewela ulwandle olunesiphepho, ukufinyelela nje emphefumulweni owodwa na? Kodwa Uyakwenza. Yileyondlela Akwenza ngayo.

43 Umkhumbi wawuwela, futhi Wathatha lelithuba ukuphumula kancane, ukuze avuke. Futhi abafundi baKhe base bebuyele emuva ezigwedleni zabo nasemisebenzini yabo yansuku zonke, lokho ababekwenzile. Imvuselelo yalolosuku yayisiphelile.

Into efana nanamuhla, ngiyakholwa. Ngikholwa ukuthi yinto efanayo.

44 Futhi ngalesisikhathi, Waye—Wayephumule kancane, mhlawumbe phakathi kwemihlangano. Futhi abafundi babuyela emisebenzini yabo yakudala.

45 Manje ake sibhobokele kubo nje, ngikholwa ukuthi kungahle ukuthi bebekade bejabula, bekhuluma ngezinto ababezibone zenziwe ngalolosuku. Kwakukade kwenzeke izinto ezinkulu. Abantu babephulukisiwe, uchoko. Futhi babenesikhathi esimnandi. Futhi lapho beqhubeka nomsebenzi wabo ebandleni, noma bona . . . Ibandla alisiso isakhiwo; abantu abenza ibandla. Futhi babejabula ngalokho ababekubone kwenziwa. Futhi kungahle ukuba babexoxa ngobumesiya baKhe, ukuzisho kwaKhe; Wazisho ukuthi uyiZwi, Wazisho ukuthi uyiZwi nomlayezo walelohora.

46 Futhi umprofethi, owayeyiZwi ngaphambi kwalapho, waMethula, wayesethi, "Isikhathi sami siphelile. Ngiyigcwalisile ingxenye yami, iZwi engangifanele ngiligcwalise. Manje Uzobonakalisa lonke iZwi, kusukela lapha kuphume, ngakho-ke isikhathi sami siphelile," uJohane, ngakho-ke wadingeka ukuthi aphume enkundleni ngenkathi uJesu efika enkundleni.

47 Futhi ngenkathi Efika enkundleni, Ufika nje ncamashi, futhi enza nje ncamashi, futhi eziphatha nje ncamashi ngendlela uMesiya ayefanele aziphathe ngayo, lokho Ayefanele akwenze. Futhi lokho kwakungahle kube ingxoxo yabo lapho bekhuluma.

48 Mhlawumbe abanye babo babenobufakazi. Omunye wabo wayengathi, "Uyazi, angikaze ngicabange nga—ngakho kakhulu ngize ngiqale ukufunda imiBhalo lokho uMesiya ayefanele abe yikho, ngoba Wayefanele abe yilowomprofethi. Futhi khona-ke ngiyakuqonda lokho, enye into, lapho ngiMbona ehlephula lesosinkwa futhi ondla labobantu. Ubani owayengadala, ngaphandle kukaNkulunkulu qobo lwaKhe na? Ngakho-ke lowo kufanele kube nguMesiya." Futhi, bona, "Akekho ongadala ngaphandle kukaNkulunkulu. UNkulunkulu unguMdali kuphela okhona. Futhi lapha Wathatha amabhisikidi amahlanu amancane nezinhlanzi ezincane ezimbili, futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu, futhi wabutha iziqabetho eziyisikhombisa ezigcwele, izimvuthu eziseleyo. Lapho, akukho

obekungenza lokho ngaphandle kukaJehova, lowo Ofanayo owanisa isinkwa sivela ezibhakabhakeni. Yilowo kuphela Ongakwenza. Futhi naNgu lapha, aziwa phakathi kwethu, esimweni esithobekile sombazi, uMuntu ojwayelekile. Nakhu okukaJehova owayehlala emaZulwini, akekho owayengaMbona; uNkulunkulu ongabonakali ezinwe wabonakaliswa lapha phakathi kwethu, ngokuba, siyaMazi, Wenza imisebenzi efanayo uJehova ayenzile."

49 Futhi Wathi kubo, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. UMesiya wayefanele abe uJehova, u-*Emanuweli*, 'UNkulunkulu unathi.' Futhi uma Ngingenzi imisebenzi ka-Emanuweli, uma Ngingenzi njengo-Emanuweli, imisebenzi yaMi ayifani no-Emanuweli, khona-ke—khona-ke aNgiyena u-Emanuweli. Kodwa uma ningenakuNgikholwa, bhekani nje imisebenzi eNgiyenzayo. Iyafakaza ukuthi NgiNgubani." Niyabo?

50 Futhi lokho kwakungahle kube ingxoxo yabo njengoba babekhuluma. Futhi khona-ke indaba ingahle ukuba yavela emva kwalokho, lapho . . . Mhlawumbe abaningi babo babengafakaza. Kwakukhona u-Andreya, wayengafakaza.

51 UPetru wayengakusho lokho uJesu akusho kuye. "Ngani, ungibize ngegama lami na? Ngubani obengazi igama lami ngaphandle kukaNkulunkulu na? Ungibize ngegama lami. Ungitshelile ukuthi ngangingubani. Wabiza igama likababa, futhi iNdoda yayingakaze ingibone. Ngani, kufanele kube nguMesiya. Futhi siqaphelile."

52 Manje siyathola, khona-ke, ukuthi bangahle ukuba baxoxa ngezimo zokuziphatha zabantu kuLokho. Lokho kungahle ukuba kwakuyingxoxo yabo elandelayo. UJesu wayelele ngaso sonke isikhathi; wabuyela ukuyophumula. Manje asibhobokele enkundleni futhi sibabuke; izimo zokuziphatha zabantu. Abanye babo bathi . . .

53 Awu, abanye babo bakholwa. Abanye babo bathi, "Indoda ayikaze ikhulume kanje phambilini. Ngokuba, lokho leyoNdoda ekushoyo, uNkulunkulu uyakusekela Ekushoyo. Futhi siyazi, ngomBhalo wethu—wethu, ukuthi uma uNkulunkulu eqinisekisa leNdoda, lokho Ekushoyo kuyafezeka, khona-ke siyazi ukuthi uNkulunkulu unaleyoNdoda. Futhi uNkulunkulu wasitshela ukuba sesabe leyoNdoda, ngoba UnaYo. IZwi laKhe liyiZwi likaNkulunkulu, ngakho Yesabeni." Futhi ba—bathi . . . Manje, yingalesosizathu babesaba kakhulu emva kokuba beMbonile enza imimoya namagagasi kulalele. Bathuthumela ngoba bazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. Kwakufanele kube njalo. UNkulunkulu walihlonipha iZwi laKhe. Lokho Akusho, kwenzeka, khona-ke bazi ukuthi lowo kwakunguMesiya.

54 Manje, njengoba babexoxa ngesimo sokuziphatha, bathi, “Abanye babo bakholwa, futhi abanye abakholwanga.”

55 Manje, njalo sithola ukuthi phakathi kwamabandla, lonke ibandla, sithola izigaba ezintathu zabantu. Eqinisweni, ngashumayela ngakho, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngiyakholwa eDolobheni laseNew York, noma ndawondawo, ngezigaba ezintathu zabantu. Futhi, lokho ngukuthi, abakholwayo, abangakholwayo, nabazenzisi. Futhi isahluko noma ezimbili nje emva kwalokhu, sithola ukuthi iqembu laKhe uQobo lafika kulokho, futhi lafakazela ncamashi ukuthi yilokho ababeyikho. Manje ake sicabange nje ngabakholwayo nabangakholwayo, umzuzwana nje lapha.

56 Abakholwayo yibo abagcotshiwe futhi bamiselwa ngaphambili eZwini. Umzuzu nje beLibona, banelisekile, ukuPhila kugeleza kubo futhi bayeLivuma. Lokho ngabafundi. Akukho-mbuzo engqondweni yabo ngaKho, nhlobo. Balandela ngqo. Abafundi babengabakholwayo. Bakholwa.

57 Manje, ezikhathini eziningi, ongakholwayo ngempela uyoshaya sengathi uyakholwa. Manje, ongakholwayo wayefana nabangamashumi ayisikhombisa, balandela odumweni nasekucwebezeleni kwenkonzo yaKhe. Babejabula ukuma lapho lapho Wayekwazi ukuvusa abafileyo futhi ahlanze abanochoko, futhi—futhi abikezele izinto ezazenzeka kahle nje. Kodwa ngolunye usuku Wakhuluma okuthize, esivumwenikholo sabo. Futhi kwathi nje Angasho okuthize okwagxambukela kulokho ababekukholwa, abangamashumi ayisikhombisa bathi, “Lilikhuni lelizwi, wathi, ‘Niyothini uma nibona iNdodana yomuntu yehlela phezulu eZulwini lapho Ivela khona na?’ Manje, leNdoda esilala nayo, leNdoda edla nathi, leNdoda egeza ubuso baYo nezandla endishini efanayo esigezela kuyo, leNdoda idla njengoba ngenza, ilala njengoba ngenza, inokuphumelela nokungaphumeleli kwaYo, futhi ithi Yehla ivela eZulwini na? Lokho kuningi kakhulu kimi.” Niyabo? Futhi benzani na? Babengeke bahlale emhlanganweni wonke. Basukuma futhi baphuma. E-hhe. Niyabo? Bagcwaliswa. Labo ngabangakholwayo. Niyabo? Abakwazanga ukukumela. Qhabo, mnumzane. Bahamba futhi abazange besaphinda bahambe naYe.

58 Manje, kukhona abakholwayo aba. . .akukho lutho olungabahlukanisa naLo.

59 Futhi kukhona abangakholwayo, futhi ngokushesha nje lapho noma yini eshiwoyo engavumelani nabakukholwayo. Khumbula, iBhayibheli lisifundisa ukuthi ongakholwayo uyosondela kakhulu njengekholwa langempela, ukuthi kuyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kwakungenzeka. Niyabo, lokho ukungakholwa. Kodwa ngokushesha nje lapho

kushiwo okuthile abangakuthandi, sebehambile. Niyabo, lokho ukungakholwa. Lokho kukhombisa khona impela.

60 Uma ukuKhanya kokuPhila kukhanya, ukuletha leyombewu, beKungenzani phezu kwedwala na? Ngeke kwenze lutho. Bekungenzani phezu kwento efile na? Akuthunyelwanga into efile. Ilanga likhanyela imbewu emilela ukuphila. Futhi leliBhayibheli neZwi laKhe, ehoreni esiphila kulo, likhanya phezu kwalabo ukuba babambe ukuPhila okuPhakade, labo abamiselwe ngaphambili ukuLibona. Futhi ngeke kusize nakancane kubo bonke abanye. Akukho-kuphila lapho okuzophuma ngelanga, noma ngokuKhanya.

61 Khona-ke siyathola, ukuthi bafulathelisa imihlane yabo futhi abaphindanga bahamba naYe. Kungalesosikhathi lapho into edume kakhulu yashiwo ngakho . . . USimoni Petru washo. UJesu, emva kokuba abangamashumi ayisikhombisa sebeMshiyile, lapho Ethi, "Awu, yini . . . " Ubanika iMfundiso ethile eqinile. Yena, izinsuku zaKhe zokuphulukisa zase zizophela nje. Wayengenandaba, wayengeke aphulukise kakhulu. Wayezobatshela ngento eyayingcono. Futhi Wathi, Uqala ukubatshela lokho, Wabembulela lapho ukuthi ngempela WayeNgubani. "Niyothini uma nibona iNdodana yomuntu yehl- . . . yenyukela eZulwini lapho Ivela khona na?"

62 "Manje sinerekhodi laKho lokuzalwa lapha. Wazalwa nguMariya noJosefa, ezansi eNazaretha. Futhi lapha Wena uthi Uyehla uvela eZulwini na? Awu, lokho ngukuthi . . . Wena, Uyahlanya, ngiyakholwa. Niyabo? Awu, besingeke sifune ukulandela iNdoda enjalo." Ngakho-ke, basuka bahamba. Bahamba. Labo ngabangakholwayo.

63 Kodwa qaphelani manje, kukhona abakholwayo. Akunandaba ukuthi yini eyenzekayo, kwenzekani, ukuthi kulukhuni kangakanani, ukuthi akuqondakali kanjani, bayakholwa, noma kanjani. Lokho kufana nendoda noma owesifazane okhulekelwe. Bayakukholwa. Akukho okuzobenza bashintshe umqondo wabo. Bangamakholwa angoqobo. Futhi akukho lutho, kungakhathaleki ukuthi kubonakala kunzima kangakanani, ukuthi *lokhu* kuyini, futhi *lokhu* akwenzeki, lokho akuhlangene ngalutho naKho. BayaKukholwa, noma kanjani.

64 Manje, Angahle ukuthi washo izinto eziningi abafundi abangazikholwanga, noma abangazibonanga, kodwa baKukholwa, noma kanjani. Baqhubeka bahambisana naKho, ngoba babeqinisekile ukuthi umBhalo wawumkhombisisile uJesu ukuba yilowoMesiya.

65 Futhi ngikholwa ukuthi umBhalo namhlanje uyawukhombisisa lomnyakazo omkhulu kaNkulunkulu ngezinsuku zokugcina, kaMoya oNgcwele, ukuba nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngikholwa ukuthi umBhalo uyaKukhombisisa. Angikhathali ukuthi noma ubani omunye

ucabangani ngaKho, sikholwa ukuthi Lokho kuyiQiniso ngoba likhonjisisiwe.

66 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngiyazi uyaLiqonda." AngiLiqondi. NgiyaLikholwa nje. Angiziqondi lezizinto. Angizami khona. Angeke umqonde uNkulunkulu, Ufanele emukelwe ngokukholwa. Futhi ukukholwa yinto oyikholwayo, ongeke uyichaze. Nakho la ukhona. Nanto iQiniso.

67 Manje, kukhona elinye iqembu elihlala lilenga, futhi lelo ngumzenzisi. Manje, lowomzenzisi uthathwa njengephixiphixi.

68 Manje ake sithathe umzenzisi. KwakunguJudasi. Wayengumzenzisi. Futhi umzenzisi ulokhu elenga njalo njalo, ezama ukuthola indlela ethize abangathola ngayo okuthize kuLo. Bayanamathela isikhathi eside ngokwanele ukuze bathole ukuthi bangeke bathola iphutha elincane, bese-ke bephuma futhi bakudalule ndawana thize. "Sifuna ukuthola ukuthi hlobo luni lweqhinga, yiluphi unyawo lukanogwaja oluhlikihlwe ngemuva kwezindlebe zakho. Yini iqhinga na?" ukuze bakwazi ukuKulingisa, noma okuthize. Lowo ngabazenzisi. Lowo nguJudasi.

69 Labo ngabangakholwayo, abazenzisi, nabakholwayo. Labo basekhona yonke indawo emhlabeni jikelele. Bahlale bekwenza, futhi bazokwenza njalo. Manje cabangani ngakho kulobubusuku, lapha nakuleteyipu kulabo abazokuzwa. Lezozigaba ezintantathu ezihlezi, ziyizigaba ezintathu zalabobantu abahlale bebuthane.

70 Okukuqala, lokho akwenzi mehluko ukuthi yini ezayo noma yini ehambayo, basaKukholwa. Banelisekisile.

71 Abanye bazokholwa okukhulu kwaKho, bese kuthi-ke abafuni ukukholwa yikho konke. Lowo ngabangakholwayo.

72 Bese kuthi-ke abazenzisi yilabo ababambelelayo, bayanamathela nje baze bathole okuthize. Bathi, "E-hhe, nakho lapho okhona. Yilokho okuyikho. E-hhe, lapho, bengacabanga ukuthi kwakukhona okuthize. Nakho lapho okhona!"

73 Kodwa ikholwa langempela, lokho akulingabazisi nhlobo. Akukho okulingabazisayo.

74 Kuthiwani ngoJesu emi lapho, isikhwehlela ebusweni baKhe, negazi ebusweni baKhe, nomqhele wameva phezu kwaKhe, na—nakho konke lokho Ayenakho lapho, isixuku esibhuqayo, kanjalonjalo na? Awu, ongakholwayo ubengacabangani ngalokho, noma umzenzisi na? Uvele waMthengisa. Futhi, uyathola, umzenzisi nguye okuthengisayo. Nguye owonakalisa inkonzo yakho, yilowo mzenzisi.

75 Kodwa ikholwa langempela, noma ngabe kuthiwani, banelisekisile. Banelisekisule, ngoba ukuPhila okukubo sekuvele kwaba nguKristu. NguKristu. Akusenguwe, kodwa uKristu ophila kuwe. Futhi, akunandaba, "Akunalutho,"

UPawulu wathi, “okwamanje, okuzayo, ukufa, ingozi, ubunqunu, noma ngabe kuyini, okungasehlukanisa nalolothando lukaNkulunkulu olukuKristu.” Qhabo, kungaki, kungaki okwa*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, okuvukayo, bangaki oDokotela bezobuNkulunkulu abangazama ukuLichaza lidede futhi bathi Lingololunye usuku, lokho akukuhlukanisi nhlobo. Ulapho ukuba uhlale. Nguwe okuKristu, awuseyena owakho. Lowo nguwe, wena noNkulunkulu, nodwa.

76 Futhi kuthi nje ongakholwayo angathola intuba, uzama ukubaleka noma kanjani, ngakho-ke uyahamba.

77 Umzenzisi uhlala isikhathi esidanyana, aze athole okuthize angakwazi ukunqwabelanisa ukugxeka okuthile kuKho.

78 Ngakho-ke nakho okuthathu kwenu, ndawonye. Yilolohlobo ababenalo ngaleyonkathi. Yilolohlobo abanalo manje. Yilolohlobo abayohlala benalo kuze kube nguJesu qobo lwaKhe, noma uNkulunkulu esiHlalweni sokwaHlulela esiKhulu esiMhlophe, uyobehlukanisa.

79 Abanye bathi, “Umuntu akakaze akhulume njengaloMuntu. Akushoyo kuyafezeka.”

80 Abanye, abangakholwayo, bathi, “UnguBelzebule. Akathi qhwi kuYe uqobo. INdoda ilahlekelwe ingqondo yaYo.”

81 Uyazi, kunento enkulu uSathane azama ukuyenza. Uzama ukwenza i—i—isithunywa, abantu abanoMoya oNgcwele ngempela, uzama ukusho lokho, “Balahlekelwe yingqondo yabo.”

82 Ngithole incwadi encane ejikelezayo, incwadi kulokho ngolunye usuku, yaphuma, yathi, “UMfowethu Branham bandla!” Yathi, “Sasikholwa ukuthi wayengu-Eliya.” Futhi yathi, “Niyazi ukuthi—ukuthi, niyazi, ulahlekelwe ingqondo yakhe.” Futhi yathi, “Ingubo ka-Eliya yawela phezu kuka-Elisha, lowo kwakumkami. Futhi uthatha inkonzo, ukuqhubeka nokuphindwe kabili.” Owesifazane na? Kwakuyikho, ingabe u-Eliya walahlekelwa ingqondo yakhe, noma wahlwithwa ngaphandle kokufa, enqoleni, wayiswa eZulwini na? Mm! Niyabo? Kodwa, unalokho nje, uyabo, yilokho—yilokho okufanele sibhekane nakho.

83 Abanye babo bathi, ongakholwayo, wathi, “Lomfo unguBelzebule.”

84 Kufanele ukuthi kwakunguJohane, owathi, “Cabanga nje ngaLowo Owenza konke lokhu!” Manje kubuyela kwabakholwayo futhi. Wathi, “Cabanga nje, Lowo o—owenze konke lokhu esikucabangayo nesikhuluma ngakho, nokuzwakaliswa kwabantu abahlukene! Sonke singamakholwa,” wathi. “SiyaKukholwa. Yebo, mnumzane. Senelisekile ngokuthi siyazi ukuthi kukhonjwe ngokweqiniso. Nango Elele, uMuntu ofayo, elele khona lapho kuleyondawo

eyisicaba emkhunjini, khona emuva lapho kuleyondlu encane ewumpheme, njengokuthi, ulele phezu komcamelo. SiMbuyisela lapho, elele. Kodwa cabanga ngakho! Yena kanye uNkulunkulu wendalo untweza kulamanzi nathi." O, he! Amen.

85 Lawo manzi ayeyingozi. Niyazi, isiphepho safika futhi sisenza into efanayo, uma uke waba ngaseJerusalema. Ngiqagele, uJack, uyakhumbula. Lezoziphepho zisashanela zehle ngqo kulowomfantu lapho, futhi zishaye lololwandle futhi ziminzise abadobi, njengoba nje kwenza ngaleyonkathi. Khuphuka, awukwazi ngisho nokubona isiphepho siza; khona manjalo, sesilapho.

86 "Futhi cabanga nje manje, sonke siye sa, zonke izimpilo zethu, sesaba ukuwela lamanzi ayingozi lapha. Kodwa khumbulani, yena impela Lowo esimaziyo ukuthi unguMdali, ulele khona lapho esikebheni, kanye nathi. Ngizizwa ngikahle! Aninjalo, bafana na?" Bayothi, "Amen. Yebo, mnumzane. Nango esesikebheni!"

87 Futhi yini esifanele siyazi osukwini esiphila kulo, ukuthi babebone inkomba, lokho, futhi beneliswa, akunandaba ukuthi noma ubani omunye utheni. Ingxoxo yabo yayimayelana nabakholwayo, nabazenzisi, kanjalonjalo. Kodwa bona ngokwabo babeLikholwa. Futhi babazi ukuthi babenaYe enabo. Akunandaba ukuthi noma ubani wabantu bonke, babejabule ukuba naYe.

88 Nami, futhi. Aninjalo nani na? Akunandaba ukuthi izwe lonke lithini. Ngiyajabula ukwazi ukuthi Untweza nami ezilwandle ezizanyazanyiswayo zempilo, khona esikebheni. Amen. Amen. Ukuntweza ngaphezu kwezilwandle zempilo enesizotha, njengoba Enza, nakuwo wonke amanzi ayingozi, ungazi ukuthi ungadutshulwa nini, ubulawe, uwiswe ufe, noma yini engahle yenzeke. Kodwa uMdali . . .

89 Uyini, empeleni na? Uyisigaxa esincane sobumba lwaseLouisiana, elinokuphila kulo. Yilokho kuphela. Ngisho uma ungowaseTexas, leyondawo enkulu, usalokhu uyisigaxa sodaka lwaseTexas esinomswakama omncane kuso. Futhi yilokho kuphela oyikho. Kunjalo impela. Futhi yilokho obuyela kukho.

90 Kodwa, emva kwakho konke, lolodaka lungahamba kanjani, luphefumule, ludle, uma bekungekho ukuphila okuthile kulo na? Futhi, cabanga, lalufanele kudalwe! Futhi yena impela uMdali owaludalayo, ugibele lowomkhumbi wodaka. Amen. Wangenza lokho engiyikho, ngaphandle kwesifiso; Angangivusa kakhulu kangakanani ngesifiso sami, ngeZwi lesithembiso saKhe!

> Entweza olwandlekazi olunesizotha lwempilo,
> (Besifanele siphile njengaYe, sivumele uMoya
> waKhe usebenze ngathi.)

Ngomfowethu obhungukile nophihlizeke ngomkhumbi,
Ekuboneni, uyakuthatha inhliziyo futhi.

91 Cabangani, Unathi, ngokuphephile. Yeka umuzwa wokuvikeleka, ngenkathi sisantweza kulamanzi ayingozi! Kufanele ukuthi bekuyinto efana nathi njengamanje kuso kanye lesisikhathi samanje, emva kwemvuselelo, sizitika ngemiphumela.

92 Ngiyalukhumbula uhambo lwami lokuqala lokuya eShreveport, eLouisiana. Ngangikaze ngizwe ngoJack Moore, futhi ngikholwa ukuthi kwakunguMfowethu Richard Reed (sekuyiminyaka ngingamboni uMfowethu Reed) owangitshela ngoMfowethu Moore ezansi lapha, noma uMfowethu Kidson; omunye walabobafowethu, ngiyakhohlwa ukuthi kwakungubani manje. Ngathola ukwazana noMfowethu Jack. Ngehlela lapha. Umama wakhe omdadlana othandekayo, uhlezi ngalapha ndawondawo. Futhi wayenenkathazo yesisu, futhi samkhulekela. Wayedla ukudla kwengane. Ukwazile ukudla kusukela lapho, inkambiso yakhe, ukudla okwejwayelekile. Futhi kanjani—kanjani, imvuselelo enkulu kangaka equbukayo, yayihamba phambili futhi nakho kufika uBilly Graham noOral Roberts, no—noTommy Osborn, indoda enkulu, amaqhawe, baphuma kulokho okuncane . . . bathukwa ngemvuselelo, wenza izinto ezinkulu.

93 Ngalolosuku ezansi lapho, cishe eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu edlule, noma amashumi amathathu nane, ngimi osebeni loMfula i-Ohio lapho, ebhulohweni, futhi cishe abantu abayizinkulungwane ezinhlanu noma ngaphezulu babuthana osebeni. Ngangicishe nje ngibe neminyaka engamashumi amabili ubudala, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nambili noma amashumi amabili-nantathu ubudala, imvuselelo yami yokuqala. Ngangibhaphathiza abantu abangamakhulu amahlanu, ngaleyontambama. Nabadikoni babengiholele emanzini. Cishe umuntu weshumi nesikhombisa, ngenkathi ngangibhaphathiza, ngezwa iPhimbo lithi, "Bheka phezulu." Futhi ngaphenduka ukuba ngibheke phezulu. Umama kaBilly, sasingakashadi ngisho nangaleyonkathi, sihamba nje ndawonye. Nakhu kufika leyoNsika yoMlilo, izungeza ivela ezibhakabhakeni eziluhlaza, ngehora lesibili nqo ngoJuni 15, yehlela phansi ivela ezibhakabhakeni, kanjalo. Futhi iPhimbo labhonga, kuyo yonke indawo lapho, futhi lathi, "Njengoba uJohane umBhaphathizi wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, unoMlayezo ozokwandulela manje ukuFika kwesibili kukaKristu." Abathwebuli bezithombe bethatha isithombe.

94 Besingakukholwa kanjani lokho, ngemfundo nje yesikole yohlelo lokukhuluma nokubhalwa kolwimi encane, kanjalonjalo na? Kodwa ngakukholwa. Ngaleyontambama, lapho

ngangikhathele kakhulu lapho sengiqede ukubhaphathiza, badingeka beze bangikhiphe emanzini. Angibange ngisakwazi ukuphinde ngimele umsinga womfula.

95 Futhi Yahamba, yehla, futhi bathatha izithombe zaYo. Kwakuyi-Associated Press, yasakazeka emhlabeni wonke cishe impile, kukhuphukele eCanada. UMfowethu Lee Vayle usenayo ikhophi yakho namanje, ngiyacabanga, evela kwi-Associated Press, "UkuKhanya okuyimfihlakalo kulenga phezu komfundisi wendawo weBaptisti ngenkathi ebhaphathiza phansi kuSpring Street eJeffersonville, e-Indiana." ILouisville Herald yakucosha, yathatha izithombe, futhi yahamba, futhi kwasuka kwawelela kwi-Associated Press.

96 Manje, lokho sekuyiminyaka eminingi edlule. Kwkungenzeka kanjani ukuthi kube njalo na? Kodwa kwaba njalo. UNkulunkulu washo njalo, lokho kukwenza kube yikho. Futhi i—into ekhazimulo enje pho ukwazi ukuthi sinoNkulunkulu ophilayo! Futhi kusukela lapho kuveze imililo yemvuselelo emhlabeni jikelele. Futhi manje imikhankaso emikhulu yokuphulukisa nezinto ezinkulu eziyimfihlakalo iqhubekile.

97 Ngenkathi ngiqala ukufika phakathi kwenu, ngathi kuzomele nginibambe ngesandla, futhi nje nginibambe nje kanjalo ngenzele ukuxhumana. Futhi khona-ke ngangingeke ngicabange ngalokho engangizokusho, futhi ungayibona imiphumela yakho. Kusenzeka, futhi ukubone kanjalo.

98 Futhi khona-ke Wangitshela, "Uma uzoba qotho, kuyokwenzeka ukuthi uyokwazi yona kanye imfihlo yenhliziyo yabo." Nina nonke, iningi lenu bantu niyakhumbula lokho. Futhi kwenzeka, ngaleyondlela nje, impela nje. Eminyakeni embalwa emva kwalokho, ngangisenhla eQueen City, eRegina, eCanada, futhi ngimi emsamo, noDokotela Ern Baxter nabo. Futhi kwafika indoda ihamba inqamula emsamo. Futhi into yokuqala, ngangingazi ngisho nokuthi ngangithini, ngabiza igama layo, ngayitshela ukuthi yayiyini inkinga ngayo, futhi lapho kwasuka kwahamba. Kusukela lapho, kwaqhubeka.

99 Manje sekufike kwesinye isigaba. Lokho angeke ngikusho, kodwa kuzozikhulumela.

100 Kodwa khumbulani, enkonzweni enkulu, kwenza umlilo wemvuselelo futhi kwazungeza umhlaba. Futhi manje, eminyakeni embalwa edlule, leyomvuselelo yathatha isikhathi eside kunanoma iyiphi imvuselelo esake sayazi emlandweni. Akekho usomlando ongasho ukuthi imvuselelo yathatha cishe ngaphezu lweminyaka emithathu, noma ngasiphi isikhathi. Kodwa lena isihambe iminyaka eyishumi nanhlanu, noma ngaphezulu, imvuselelo eqhubekayo eqondile.

101 Kodwa manje imvuselelo isifile. Kancane nje. . . Khona-ke kufika iMvula yakaMuva, nomsila omncane wohlobo

lokushanela eNgilandi manje, futhi lapho nje ukukhahlela kokugcina kwakho sekuzophela. Ibandla selizinze eLawodikeya futhi, ukwenza unyaka. Kufanele kube ngaleyondlela. Impela, kufanele kube ngaleyondlela. Futhi manje siyazitika kulobubusuku phezu kwe—kwezimvuthuluka esizicosha kuleyomvuselelo.

102 Kuthi akube ngaleyondlela labo bafundi ayeyiyo kusukela emvuselelweni yalolosuku, belindele usuku olulandelayo. UJesu, ngaleso sikhathi, wayephumule. Mhlawumbe Wayephumule emvuselelweni, njengoba Wayephumule ngosuku lwesikhombisa; emva kokuba Enze umhlaba kweziyisithupha, khona-ke iBhayibheli lathi, "Waphumula. Waphumula, ngosuku lwesikhombisa." Awu, mhlawumbe yilokho Ayekwenza. Wayephumule.

103 Khona-ke, kungazelelwe, kwangena inkathazo. O, ake nje iBandla liqale ukuphumula kancanyana, futhi khona-ke inkathazo iyangena. Umkhumbi uqala ukuyendezela, oseyili baphephuka, futhi amanzi agcwala isikebhe. Kwakubonakala sengathi lonke ithemba lokusinda lalingasekho. Nakuba babeMbonile enza izinto eziningi kakhulu, ngenkathi kugadla inkathazo . . .

104 Manje lapha ngizovala emizuzwini embalwa nje, ngoba sizoqala umugqa womkhuleko.

105 Sizibonile zonke lezozinto. Sibone isizathu esimelayo nesiphikisayo sabantu. Futhi manje kufika endaweni lapho kuthu akube ukuxega, sikhuluma ngalokho Akwenzile, nokunye nokunye, futhi sibheke lokho Azokwenza. Lokho nje kungumuntu. Izidalwa ezingabantu zihlale zikhuluma ngalokho uNkulunkulu akwenzile, ezikholwa ukuthi Uzokwenza, futhi zikhohlwe Akwenzayo.

106 Benza into efanayo. BabeMbonile phandle lapho ephulukisa abagulayo futhi evusa abafileyo, futhi wazi izinto ngaphambili, futhi utshela abantu izimfihlo zezinhliziyo zabo, futhi bakholwa ukuthi babesendleleni eya kwenye imvuselelo. Kodwa kwathi lapho sekungena inkathazo, bakhohlwa yikho konke ngakho.

107 Yileyondlela nje esenza ngayo. Yilapho esihlezi khona kulobubusuku, sihlezi kuleyondawana efanayo. Futhi nokho, ukuba nje besazi, Usemkhunjini. Mkhulu nje lapha njengoba Wayenjalo ngenkathi Elele kulowomkhumbi. Mkhulu njengoba Wayenjalo ngenkathi Ema emkhathini futhi wadala umhlaba. Mkhulu nje njengoba Wayenjalo noMose, oLwandle oluBomvu. Mkhulu njengoba Wayenjalo ethuneni likaLazaru. Mkhulu njengoba Wayenjalo ngenkathi Ephulukisa onochoko, enikeza ukubona empumputheni. Mkhulu njengoba Wayenjalo ngezinsuku zemvuselelo yaseWales. Mkhulu njengoba Wayenjalo nganoma yisiphi isikhathi, futhi Ulapha emkhunjini!

108 Inkathazo iyaqala. Siya ezindaweni, sithola ukuqophisana ebandleni, ukwahlukana. Niyazi ukuthi lokho kuzolona ibandla na? Hlalani ndawonye!

> Libusisiwe igoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
> Injalo ngaPhezulu. (Lolo thando oluveziwe nokukholwa kuNkulunkulu komunye nomunye!)

109 Kodwa siyathola manje, ukunihlinzekwa kwamanzi kuyancipha. Futhi ezweni lakithi lapho engihlala khona eTucson, yonke into phandle lapho inonamathela kuyo. Yonke—yonke into oyibukayo inonamathela, futhi ngenxa yokuthi yome kakhulu. Manje, ukuba bekulapha kulelizwe, futhi bekungakhula, bekuzoba neqabunga elithambile ngempela. Loyo namathela yiqabunga eligoqiwe, liqine futhi elicijile kakhulu, akukho-thuluzi elingajua njengalo. Alikho ithuluzi elingajula njengomdolofiya ogxumayo, ngoba linoboya kulo, ihhuku elincane, yonke indlela kwehlele ekugcineni. Futhi noma kunjalo awukwazi ukujulisa ithuluzi kanjalo, kodwa imvelo ikugingqile, lokho. Futhi kuzogxumela kuwe ngqo. Awufanele ungene—ungene kukho; kungena kuwe.

110 Futhi kungaleyondlela ngesono. Awudingi ukungena kuso; singena kuwe. Sizogxumela kuwe. Ungayi ngakuso. Hlukana nokungakholwa! Kodwa siphila kulesosikhathi.

111 Ngakho-ke babeMbonile enza izinto eziningi ezinkulu, futhi babengakhuluma ngakho. Kodwa lapho isikhathi sosizi singena, konke kwase kukhohlwakele.

112 Manje cabanga nje ngezinto esiMbone ezenza, ngobufakazi obungenakuphosisa bokukhonjwa kweZwi laKhe, nokwazi ukuthi—ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu lapha ezinsukwini zokugcina yisiThunywa sehora. NguYe Ofakazayo kithi, futhi enza zonke izithembiso Athembisa ukuzenza, zonke izibonakaliso nawo wonke umsebenzi, nalo lonke iZwi ukuba lifezeke njengoba Asho ukuthi Uyokwenza.

113 Futhi kusalokhu kubukelwa phansi. Ukuba kwemukelwa ezikhundleni eziphezulu ezinkulu, bengingasuka kukho. Kwakungeke kube nguNkulunkulu futhi kwemukelwe phezulu lapho. Qhabo, mnumzane. Qhabo, impela, akusoze kwaba njalo, ukuba kwemukelwa. Kodwa ngenxa yokuthi Kwehle nga*le*ndlela, yingalesosizathu ngiKukholwa. Niyabo? Yilapho okufika khona. Yilapho okwethenjiswe khona.

114 Futhi manje sibona yonke into isemgqeni impela, futhi sazi ukuthi sisezinsukwini zokugcina, futhi kwenzakaleni na? Inkathazo ingenile.

115 Futhi konke lokho esiMbone ekwenza! Ukuthi Uwaqondise kanjani amakhaya ethu. Ukuthi Ubengabeza kanjani ubaba

nomama bahlangane futhi. Nikubonile lokho, indoda nonkosikazi bebuyelana. Uphulukise ogulayo wakho. Belele lapho nemidlavuza, lapho abaningi benu bebalethe ngamabhodlela nojeke namapani. Futhi odokotela bafakazile, basayina izitatimende; ngithole izinqwaba zazo, futhi ngabeka ibhokisi eligcwele. Futhi ngisho izehlo ezinhlanu, zifakazelwe, zokuvuswa kwabafileyo, ngemva kokuba sebefe amahora nehora. Awu, kusukela. . .Eside kunazo zonke engisaziyo, kwakusukela kwelesishiyagalolunye nqo ngokunye ukusa, kwaze kwaba ihora leshumi nanye ngalobobusuku, cishe. Niyabo?

116 Qhabo, ngiyaxolisa. Ingane encane laphaya, ukuthi umama wayeyiphathe ubusuku bonke ezingalweni zakhe. Yafa ngenye intambama, wayiphatha ubusuku bonke ezingalweni zakhe, uza emhlanganweni ezansi lapho eCalifornia. Futhi ngangikhipha ngaleyontambama. Wayeshone ntambama ngaphambi kwalokho, futhi washayela ubusuku bonke, wafika lapho, akakwazanga ukwedlula indawo. Futhi wabeka uhlobo oluncane olubandayo ezingalweni zami, lwengane efile eyayife ngakuthangi. Futhi ngimile, ngibambe leyongane encane, futhi ngavele nganikela umkhuleko. Umzimba wayo omncane wafudumala. Yaphenduka yabheka, ngakubuyisela kunina. Qiniso. Kunjalo.

117 Manje, kodwa khona-ke uma sibona lezozinto futhi sazihlolisise, futhi zikhonjisisiwe, khona-ke kungani sesaba uma kungena inkathazo na?

118 Babefuna. . .Babefakaze kaningi ngalokho okwakwenziwe, bakhohlwa ukuthi nguBani owayenabo. Base bekhohliwe ngaleyonkathi, ngoba inkathazo yayingenile.

119 Njengamanje, sinezinkathazo esingakwazi ukuzilungisa.

120 Bazama oseyili babo, nomoya wawunzima kakhulu, wabaphephula. Bazama izigwedlo zabo, namagagasi ayemakhulu kakhulu sephuka, ephula izigwedlo zabo. Khona-ke, bona, umkhumbi wabo omncane wadedelwa wahamba. Cishe babopha isiqu somkhumbi phansi, noma i—noma isiqondiso somkhumbi. Futhi lapho bekwenzile, kwadingeka nje bawuyeke uqhubeke noma ngayiphi indlela owawungahamba ngayo, nawo ujikijeleka, uchaphaza.

121 Uzofanele ugibele igagasi, esikebheni. Nina bafo enigibela isikebhe niyazi ukuthi angeke nibhekane nomoya onjalo, ungene egagasini ngqo. Uma ukwenza, uyophonsa isikebhe sakho ekujuleni ngqo. Ngakho-ke uzofanele uqondise lesisikebhe, usivumele sigingqike namagagasi. Lapho amagagasi egingqika, ugingqika phakathi ngqo futhi uphume nawo. Lapho wena u. . . Uma ungenjalo, uzogcwalisa isikebhe sakho sigcwale amanzi.

122 Awu, emva kokuba yonke into isiphukile futhi babengasakwazi ukusibamba, badingeka ukuba basiyeke

siqhubeke. Futhi lapho bekwenzile, khona-ke isikebhe sagcwala. Kwakubonakala sengathi onke amathemba lalingasekho. Futhi nakho la babekhona, bonke bekhathazekile futhi besaba. Isikhathi esinje pho okwakuyiso! Kwakuyinkathazo ababengeke besakwazi ukuyilungisa. Khona-ke ukwesaba kwangena, lapho bethola ukuthi babengeke bakwazi ukuyilungisa.

123 Futhi sishayile, ngokufanayo, inkathazo. Sishaye inkathazo ukuthi thina...izinkathazo zikazwelonke isizwe sakithi esingeke sizilungise. Bukani izixhwanguxhwangu esizweni sakithi, zivele zadubula uMongameli wethu, zase-ke zihamba futhi zadubula umfana. Lokho ngukuba yisixhwanguxhwangu njengaloyo mfo odubule uMongameli, ngokombono wami, ekubulaleni ngesihluku. Uma ezedlulela ngalokho, khona-ke bazoqhubeka ekukwenzeni. Angahle azedlulele ngakho, futhi. Kodwa bukani nje ukuthi benzani, umhlaba wonke! Uma sibeka u-Abraham Lincoln kuso sonke isifunda kulolonke izwe, basazokwenza noma kanjani. Niyabo, yizinkathazo esingeke sikwazi ukuzilungisa. I—into, isono, ukungakholwa nobubi, kuvele kwaba ukhula kithi, kwakhula ngakithi, kwasonga isizwe sonke ngakho.

124 Sinezinkathazo zebandla, izimpikiswano, ukuqophisana, kubonakala sengathi ngeke sikwazi ukukulungisa. Sinalokho manje abazama ukukwenza, manje sebebuthene bonke benzela uMkhandlu wamaBandla. Angeke si—sikulungise.

125 Sizamile ukwethula iZwi. UKristu wazama ukuLibuyisa ngokuZibonakalisa, ukuvuka, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, Usenguye. BaLifulathela, basuka; bangabangakholwayo. Abazenzisi basalokhu bebambelele, ukuthola iphutha kuLo, kakhulu nje njengoba bengakwazi, njalo njalo. Kodwa kuyini na? Yinto efanayo iphinda futhi.

126 IZwi, babefanele balazi. Laliyini ikhambi lazo zonke izinto na? NguNkulunkulu. KuJohane oNgcwele 1, uthi, "UyiZwi." Sisenalo iZwi, ukusikhipha kulokhu. Asidingi-Mkhandlu wamaBandla. Asidingi zonke lezizimfundiso nezinto ezixutshwe eZwini. SineBhayibheli lapha, liyasitshela ukuthi siyiqondise kanjani lento. Ibuyele eBhayibhelini, ibuyele eMlayezweni waLo! Lowo nguKristu phakathi kwethu, iBhayibheli, amaBhayibheli aphilayo. "Niyizincwadi ezilotshiwe," amaBhayibheli aphilayo, iZwi likaNkulunkulu eliphila kanjalo kini! Yilokho esikudingayo.

127 Yilokho okwabangela ukuba ubukhomanisi buqubuke eRashiya. Awu, amakhomanisi akusilo iqembu elikhulu; kunephesenti elilodwa kuphela lobukhomanisi elikhona eRashiya manje, iphesenti elilodwa. Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye asakhululekile, kodwa yiwo abusayo. Yiwo abusayo. Kungani kwavuka kwasekuqaleni

na? Ngenxa yokonakala kwebandla. Yilokho okwakwenzayo. Bathatha yonke imali kubantu, bayiyisa ebandleni, futhi baphila uhlobo olufanayo lwezimpilo. Babengaphezulu ngaphandle kokufana nje nanoma yiliphi idlangala. Futhi abantu bagula futhi bakhathala yikho, futhi bazalwa kanjalo-ke ubukhomanisi.

128 Lizalwa kanjalo-ke inkolelo-ze yezwe lapha. Yingakho sinoMkhandlu wamaBandla. Yingakho siya kulobu bufelandawonye nezinto esizenzayo, kungenxa yokuthi benqabe iZwi. Kungani benesapha lesobho ebandleni, ukuze bakhokhele umelusi na? Ngoba benqaba indlela kaNkulunkulu, yokukhokha okweshumi. Impela. Kungani bethatha isivumokholo na? Yingoba abalifuni iBhayibheli. Kungani bethatha iphutha na? Yingoba abalifuni iQiniso.

129 Uma umuntu egijima egumbini elingaphansi futhi avale amehlo akhe, athi, "Ngiyenqaba ukuthi ilanga liyakhanya." Awekho amathemba ngaye. Kodwa uma ezimisele ukubuka, ilanga liyakhanya. Uma efuna ukuphumela kulo, ajabulele izibusiso zalo, kulungile. Kodwa uma engakwenzi, angeke wenze lutho ngakho. Ubungathi kukhona okungahambi kahle ngokwengqondo endodeni.

130 Awu, kukhona okungalungile ngokomoya endodeni ezothatha isivumokholo esikhundleni seZwi likaNkulunkulu eliphambene naso.

131 Ngosuku lokubethelwa, bafisa uBaraba, umbulali, esikhundleni seZwi. Futhi namhlanje bathatha uMkhandlu, umbulali weZwi, esikhundleni sokuthatha iZwi elikhonjwe phakathi kwethu. Into efanayo. Yileyonkathazo esingene kuyo.

132 Manje abafundi baKhe bangena enkathazweni ngesinye isikhathi, Abafundi bakhe njengalabo, bezinkathazo zangokomzimba odokotela abangakwazi ukuzelapha. Mhlawumbe uthi, "Wena unomdlavuza. Usuqhubekile." Mhlawumbe une-TB esiqhubekile, uhlobo oluthile lwenkathazo. Thina, njengabo, siyakhohlwa ukuthi uBani osemkhunjini.

133 Kwakunesiphepho esiqhubekayo. Manje, uNkulunkulu wadala imimoya. UNkulunkulu wadala umoya. UNkulunkulu wadala amanzi. Konke kuyindalo yaKhe. Wakwenza. Kodwa, niyabo, kwakungudeveli owangena kukho futhi wakuhlanganisa. Yilokho okudala inkathazo, ngudeveli. Futhi manje uma EnguMdali, futhi akwenza kanjalo ekuqaleni, babengafanele yini labobafundi bazi ukuthi lowoMdali, elele khona lapho, angakwenza kume na? Amen!

134 UNkulunkulu wakwenza ukuba ube nempilo. Udeveli wangena, awucabangi ukuthi uzofanele aMlalele, ngokufanayo njengomoya na? Wenze umzimba wakho. Wakwenza, isidalwa esingumuntu. Ukunika amehlo futhi ukunika impilo. "Ngingathanda, ngaphezu kwakho konke, ukuthi uphumelele

empilweni." Ngudeveli ongena lapho. Kulungile. Into kuphela Alungele ukuyenza kulobubusuku . . . Ubekade ephumula kwezinye izimvuselelo, kodwa Ukulungele ukubizwa.

135 Kwakufanele bazi ukuthi Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani. Wayazi izinto zonke. Wayazi ukuthi kuzokwenzeka. Kwakufakazela kuphela, kwafakazela kuphela ukuba ukuvivinywa kuphela kokukholwa kwabo. NgiyaMngabaza ngisho ukuthi wayelele. Wayelele emuva lapho nje. Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani. Ya, elinde nje ukubona ukuthi babezokwenzani.

136 Abezwe phandle lapho befakaza, "O, udumo kuNkulunkulu, senelisekile ukuthi lowo nguMesiya. O, udumo, haleluya, siyakwazi! Lelo yiqiniso."

Futhi uthi, "Ngizobona nje. Kulungile, Sathane, dedela manje."

137 Wabuka phandle lapho, futhi, "O, wonke amathemba alisekho! O, sizobhubha! Bafana, yini esingayenza na?" Futhi uMdali uqobo lwaKhe, ababekade bekhuluma ngaye, elele khona lapho kanye nabo. Haleluya!

138 Yena impela uNkulunkulu osinika uMoya oNgcwele, wona kanye uMoya oNgcwele owehlela ePhentekoste, khona lapha nathi kulobubusuku; amen, Yena impela owavusa abafileyo, waphulukisa abagulayo; onguye izolo, namuhla, naphakade, efakazisa kithi ukuthi Ulapha nathi.

139 Mhlawumbe Wavumela lokhu kuwa kufike, uyabiza, uyangena lapha, ukuthola nje ukuthi wena uzokwenzani. Yileyondlela Akwenza ngayo, ukufakazisa ukukholwa kwakho, ukubona ukuthi uzokwenzani. Uzobaleka na? Alisho yini iBhayibheli ukuthi, "Zonke izinto zizosebenzelana kube ngokuhle kulabo abaMthandayo"?

140 Wayefakazisisile ukuthi WayeNgubani. Ufakazisisile namuhla ukuthi UnguBani, ngokuba Ufakazisile njengoba Enza ngaleyonkathi. UsenguMesiya, usafana. UseyiZwi, uMahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo. Usahlukanisa njengoba Wayehlale enza. Usaphulukisa njengoba Wayehlale enza. Usadala njengoba Wayehlala enza. Usabavusa abafileyo, "Ngingukuvuka nokuPhila," ngokufanayo nje njengoba Wayehlale enjalo. Uyakufakazisa impela phakathi kwethu, nasemkhunjini wethu ngqo.

141 Futhi khona-ke inkathazo iyangena, futhi, "Onke amathemba awasekho." Ya, akunjalo—akufani lokho nje nabafundi na? Kunjalo.

142 Wayefakazile ukuthi WayeNgubani, ngeZwi nezibonakaliso. Babeqinisekisisiwe ngokuphelele, ukuthi WayeyiLowo Ayenguye. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi ebhalwe ngaMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi

elotshwe ngaMi, khona-ke kholwani ukuthi Nginitshela iQiniso ngakho." Lokho oku—lokho oku . . . Yinto efanayo esinayo namuhla. Wathi, "Hlolani imiBhalo, YiYo efakaza ngaMi."

143 Babefanele bazi ukuthi WayenguNkulunkulu wayo yonke indalo, owayekwazi ngisho nokwenza. Uma Enza lokho, lowomoya ukuba ube khona, Wenza lomhlaba ukuba ubekhona, Wenza amanzi ukuba abekhona; uMdali elele lapho, futhi wakhombisa ukuthi Wayenamandla phezu kwakho konke. Futhi bakukholwa lokho, kodwa bakhohlwa nguYe esemkhunjini. Ngoba Wayengekho lapho ebambambatha emhlane, ngaso sonke isikhathi, ethi, "Manje qhubekani, bafana, kulungiselela ukwenzeka khona lapha. Manje uma kwenzeka, khumbulani nje, Ngimi khona lapha eduze kwenu. Nakhu kuza khona manje, bafana, ake sibheke futhi sibone. Manje, imizuzu embalwa nje manje." O, qhabo, Akakwenzi lokho. Uvivinya yonke indodana nendodakazi eza kuYe, abone ukuthi sizoMkholwa yini. Yebo, mnumzane. Wakwenza, babengeke yini baMlalele na?

144 Masikhumbule futhi, Wenza imizimba yethu, ifanele iMlalele, futhi. Futhi babengeke baMlalele? Lokhu okuncane . . .

145 Ngikubize ngesigaxa sothuli lwase-Texas nase-Louisiana. Yilokho oyikho, udaka. Wakhuliswa emhlabathini phandle lapho, futhi yilapho obuyela khona. Unemisuka yezinto eziyishumi nesithupha nje kuwe, umswakamo omncane, nephetroliyamu encane, ipotashi encane, nekhalisyamu encane, nokukhanya komhlaba nezulu. Futhi lokho kuthi akube yilokho oyikho, kusontwe ndawonye, futhi nakho la uyakhona. Uthuli lwaseLouisiana, yilokho kuphela oyikho. Kodwa, khumbula, iNto ethize ikwenze lokhu. Futhi Yena impela okwenze lokhu, uze ukuzohlala kulokhu nawe, ukuthi Angakwenza okuthize okwehlukile. O, he! O, besifanele sikubheke kanjani lokho! Khumbulani, Wethembisa ukuthi nakuba leligabade elincane lothuli libuyela emuva e . . . Leligabade elihambahambayo nokuphila kulo, lapho ukuphila kuhamba, libuyela othulini futhi.

146 Kodwa Wathini eZwini laKhe na? "Ngiyolivusa futhi ngezinsuku zokugcina." Amen! "Ngiyolivusa." Wakwethembisa; emva kokuba umzimba usubhubhile, emva kokuba ngisho uthuli selibhobokile, futhi lubuyela emuva emagesini omhlaba. Nokho, njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, "Angeke washabalalisa lutho, umuntu angeke." Akukho ukushabalalisa. Umuntu angeke ashabalalise noma yini. NguNkulunkulu kuphela ongenza lokho. Futhi khumbulani, Uzokwenza, nakuba kuyisipuni somlotha, Wathi, "Ngizokuvusa futhi ngosuku lokugcina." Lolothuli luzofanele lulalele umyalo waKhe, ngoba Waludala. Uma umoya negagasi kuMlalela, kanjalo nothuli luyaMlalela. Amen.

Vuka! Yena unathi. Konke kuyaMlalela.

147 Emva kwaba—bafundi sebezithole besekupheleni komgwaqo, kufanele ukuthi kwantwela kwabanye babo, ukuthi uMdali wayenabo. Kungahle ukuthi kwenziwa, ngakho sithola ukuthi bahamba futhi baMvusa, futhi, ngokuba Wayenabo ngaso sonke isikhathi.

148 Futhi babelibonile iZwi laKhe langokomBhalo liqinisekiswa. Ngakho sibe nakho nathi. Futhi asizange. . . Lapho sibiza uJesu, kwakungenzima. Kwakungamele uhambe uthi, "O, Nkosi, vuka, vuka! Vuka! O, Nkosi, vuka, vuka!" Qhabo, qhabo.

149 Bavele, "Nkosi!"

Wathi, "Ngilapha."

"Awunaki nakuba sibhubha na?"

Wathi, "O, kuphi ukukholwa kwenu, nina bokukholwa okuncane na?"

150 Yilokho-ke, bekhohlwa ukuthi Unathi; ukubizela uJesu enkundleni, ukuba enze. Abantu namuhla bathi, "Uma bengingazi ngokuqinisekile ukuthi Lowo kwakunguYe, uma nje bengingaqiniseka!"

151 Babengaqiniseka kanjani, abafundi babeqiniseke kanjani ngakho na? Manje lalelani. Hhayi ngoba Wayeyindoda efundile. Ngokwazi kwethu, Wayengenjalo. Wayenokuhlakanipha kukaNkulunkulu kuphela. Kodwa imfundo yezwe, anginayo. . . Asinakho okuqoshiwe ngaYe eke aye esikoleni. Kodwa omunye umpristi omkhulu noma umuntu othile omkhulu owaziwayo na? Qhabo. Qhabo, asinakho okuqoshiwe kwanoma yini enjalo. UMuntu nje ojwayelekile. Kodwa babengazi kanjani na? Manje lalelisisani manje, ningakugeji lokhu. Babengaqiniseka kanjani, "Siqinisekile ukuthi Wena unguKristu"? Babengakwenza kanjani na? Ngoba babebone iZwi elithenjisiwe liqinisekiswa; ngamanye amazwi, lenziwe labonakaliswa, lenziwa laziwa. IZwi eliphilayo lesethembiso lenziwa laphila, lavezwa kulowomzimba ngqo, futhi bazi ukuthi uNkulunkulu wayekuYe.

152 UPetru wathi, "Nina madoda akwa-Israyeli, aseJudiya, UJesu waseNazaretha wayeyiNdoda efakazelwe nguNkulunkulu, phakathi kwenu, ngezinto uNkulunkulu azenza ngaYe."

153 UNikodemu, leyondoda eyisifundiswa enkulu, yafika ebusuku, yathi, "Rabi, siyazi ukuthi UngokaNkulunkulu. Ngani," wathi, "akukho-muntu ongenza lezozinto Ozenzayo, ngaphandle kokuthi uNkulunkulu abenaYe. Siyazi ngalokho." Kodwa kungani engazange akwamukele na? Kungani engazange na? Niyabo, kwakuphambene nesiko labo. Niyabo? Qhabo.

154 Yebo, indlela kuphela ababeyazi ukuthi Wayeyiyo, yingoba Yena—Yena wenza iZwi likaNkulunkulu, labikezelwa ngalolosuku, liziphilela Lona. Niyaqonda na? Bangaki

abakuqonda ngokucacile lokho, phakamisani nje isandla senu. Niyabo, Wenza iZwi elithenjisiwe langalolosuku liphila, futhi babeqinisekile ukuthi impela lowo kwakunguMesiya.

155 Yilokho owesifazane akusho, wathi, "Manje bukani lapha, besingenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane. Futhi siyazi ukuthi umprofethi olandelayo, uzobonakala enkundleni, uzoba nguMesiya. Futhi nansi indoda imi khona lapho phandle, eyangitshela izinto engizenzile, yangitshela ukuthi benginamadoda amahlanu. Futhi nonke ningofakazi balokho. Futhi iNdoda ihlezi khona laphaya emthonjeni wasemzini, khona manje. Ingitshele ukuthi benginamadoda amahlanu. Lesi akusona yini impela isibonakaliso sokuthi uMesiya abefanele asenze na? UyiZwi, uMahluleli wemicabango osenhliziyweni. AkuYena lowo na?" Yingalesosizathu abantu babazi futhi wayeqinisekile ukuthi WayenguMesiya.

156 Yileyondlela efanayo esazi ngayo ukuthi UnguMesiya, ngoba iBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade, futhi wethembisa ukwenza lokhu futhi ngezinsuku zokugcina.

"Awu, baMbethela." Ya, kodwa Wabuye wavuka.

157 Ezansi eMexico, udaba engangikhuluma ngalo, ingane encane ivuswa, noMfowethu Moore. Babenami ezansi engxoxiswaneni, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, ibandla lakwenza, izintatheli zamaphephandaba. Zathi kimi . . .

158 Manje uma kukhona umuntu oyiKatolika ohlezi lapha, angikulahleli kuwe manje, khumbula. Abantu bami bangamaKatolika, nabo. Kodwa, bukani, bangabantu abakahle. Bangabantu njengoba sinjalo, belamba, abaningi babo, futhi bomele uNkulunkulu.

159 Lentatheli yathi, "Lokho kwakuyinto ephawulekayo leyo." Wathi, "Ucabanga ukuthi abangcwele bethu bangakwenza lokho na?"

Ngathi, "Uma bephila."

Wathi, "Angeke babe ongcwele kuze kuba bafile."

160 Ngathi, "Ngabe uPetru wayengongcwele ngaphambi kokuba afe noma ngemva kokuba esefile na? Niyabo? Ya. Ngabe uPawulu wayengongcwele ngaphambi kokuba afe noma ngemva kokuba esefile na? Wenza into efanayo, niyabo."

161 Bathi, "Uthini umbono wakho . . ." Wathi, "Wena u . . . Awuyena nje umKatolika, awusuye na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane. NgingumProtestani."

Wathi, "Awubhikisheli . . ."

Ngathi, "Ngiyabhikisha, hhayi abantu, imfundiso yebandla, niyabo."

Futhi washo, wathi, "Uyini umbono wakho ngebandla na?"

Ngathi, "Ngiyaxolisa ukuthi ungibuze lokho."

Futhi wathi, "Qhubeka futhi ukusho. Ngikubuzile."

Ngathi, "Uhlobo oluphakeme kakhulu lokukhonza imimoya yabangasekho engazi ngalo."

Wathi, "Ukukhonza imimoya yabangasekho na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

162 Wathi, "Ungalibiza kanjani ibandla elingumama, 'ukukhonza imimoya yabangasekho'?"

Ngathi, "Umama ini?"

Wathi, "Ibandla elingumama."

163 Ngathi, "Mnumzane, umama oyibandla leRoma, yebo. Inhlangano yebandla, ingumama walokho. ISambulo 17 sithi uyilokho, 'unina wezifebe.' Kodwa," Ngathi, "ibandla aliqalanga eRoma. Liqala eJerusalema." Niyabo?

Wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe."

Ngathi, "UNkulunkulu uyiZwi laKhe."

164 Ngakho-ke wathi, "Futhi uthi kuwuhlobo oluphakeme lokukhonza imimoya yabangasekho na owazi ngalo na?" Wathi, "Ungakusho kanjani lokho na?"

165 Ngathi, "Noma yini enxuselana nabafileyo iwukukhonza imimoya yabangasekho. Bonke labo besifazane, bayahamba, behla ngesitaladi lapho, bedonsa ngaphezulu amatshe nezinto, benza ukuzihlawulisa kowesifazane ofile izithandwa zakhe ezimbulele. Futhi zimenza ongcwele, ngoba wenziwe waba ngongcwele yibandla na?" Ngathi, "Lokho ukukhonza imimoya yabangasekho."

Wathi, "Ukhuleka kuJesu, futhi Wafa."

166 Ngathi, "Kodwa Wabuye wavuka, mnumzane." Kunjalo. Kunjalo. Kunjalo. O, zinjani izinto! "Niyabo, Wavuka futhi." Ngathi, "Ngethemba ukuthi angiyilimazanga imizwa yakho."

Wathi, "Qhabo, akukho okulimazayo okwenziwe."

Ngathi, "Kulungile." Niyabo? Niyabo?

167 Ini? Yebo, o, he, siyakhohlwa ukuthi Ubani osemkhunjini. Niyabo? "Singazi kanjani ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ngenxa yokuthi labobantu abathi, 'akunjalo'?" Inkonzo yakhe ikuphonsa ikubuyisele emuva ngqo emathangeni abo. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi nje wena unecala leGazi laKhe njengoba uPilatu wayenjalo. Lisezandleni zakho. Awukwazi ukuLigeza. Wake wakucabanga lokho na?

168 Ubungathanda kanjani ukuba negazi likaMongameli ezandleni zakho na? Ubungenzenjani na? Uyakwazi ukuthi yini eza kuwe. Awu, leyo yinto encane ukuba neGazi likaJesu ezandleni zakho. Kunjalo.

169 Kuthiwani uma—uma indoda ebulale uMongameli . . . Mhlawumbe u-Oswald akakwenzanga. Abasoze bazi ukuthi

ubani okwenzile, kusobala. Kodwa uma engakwenzanga, ukuba-ke indoda iyaphila, kulobubusuku, futhi yazi ukuthi inegazi likaMongameli ezandleni zayo na? Ibizokwenzani uma beyibamba futhi izofanele ibhekane neNkantolo eNkulu, ubulungiswa balesisizwe na? Buka amehlo athukuthele ebuka phansi kuyo. Uyazi, ibingancenga umusa, ithi, "Bengingaqondile ukukwenza. Ngi—ngi—ngiyanitshela, ngi—ngingumfo omuhle. Bengi—ngingaqondile ukukwenza." Angeke kube nasihawu. Bekungaba kubi ukubuka ngapheshey a kwaleyoNkantolo eNkulu, kanjalo.

170 Kodwa kuthiwani ngokubuka ngaphesheya emehlweni kaNkulunkulu, lapho uneGazi likaJesu Kristu, futhi unecala lokuMbethela kabusha na? Kuthiwani ngalokho na?

171 Sewake wamqaphela umshayeli wendiza ngaphambi kokuba akhuphukele endizeni na? Une . . . uhlola onke amathuluzi angakwazi. Uzoyikhipha leyondiza, uzohlola yonke into; futhi ame phandle lapho futhi ayikhuphule ukuduma, futhi ayikhuphule ukuduma, ukubona ukuthi izosuka yini, nakho konke. Ngani na? Uyaqaphela ngokwesabekayo. Unegazi ezandleni zakhe uma engabhekile.

172 Buka udokotela, ngokuhlinza, ukuthi ulihlola kanjani lonke ithuluzi, wenza ix-reyi, nakho konke. Ngani na? Unaleyondoda ezandleni zakhe. Uma ifa, igazi liphezu kwakhe. Futhi uhlola yonke into, ukuze aqiniseke ukuthi igazi alikho phezu kwakhe. Kunjalo. Akafuni-gazi ezandleni zakhe. Igazi lomuntu alifuni ukuba sezandleni zomuntu.

173 Kodwa uzokwenzani ngeGazi likaJesu Kristu ezandleni zakho na? Manje awukwazi ukuLilahla, uthi, "Angikukholwa Lokho." IBhayibheli liyakulahla. Uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade; futhi nangu Uyasebenza, wenza okufanayo. IGazi lisezandleni zakho, noma kanjani, futhi angeke uLigeze ulisuse.

174 UPilatu wakuzama lokho. Kwakungeke kube namanzi enele ukuLigeza lisuke ezandleni zakhe. Wazama ukuLidlulisela enhlanganweni yakhe, ethe ukuphakama kakhudlwana, igosa, wathi, "Uma ubungengivumele ngikwenze," kodwa kuqhuma kubuyele emuva.

175 Kubuyela kuwe ngqo. Niyabo? Angeke uLisuse ezandleni zakho, akukho-ndlela ezweni ngaphandle kokuLamukela. Indlela kuphela ongaLisusa ngayo ezandleni zakho, ukuLifaka enhliziyweni yakho. Yileyo ndlela kuphela yokukwenza. Futhi uma sibona uJesu Kristu namuhla Ezibonakalisa lapha ncamashi nje njengoba Yena al- . . . ngenkathi Ekwenza lapha emhlabeni, futhi wethembisa ukukwenza, siqinisekile ukuthi lona nguMesiya. Manje Lisezandleni zakho, ethangeni akho. Uzokwenzani ngaloJesu othiwa uKristu na?

176 UJesu wathi, "Angisoze ngakushiya. Ngizakuba nawe njalo, kuze kube sekupheleni kwesikhathi." Uzoba lapho

ngokufanayo. Waphinda Wathi, "Angisoze ngakushiya noma ngikulahle. Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

177 Uthi, "Ngingaqiniseka kanjani ngakho na? O, Mfowethu Branham, uma nje ngingaqiniseka!"

178 UJohane oNgcwele 14:12, Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza."

179 Ulindile manje ukuba abizelwe enkundleni, ukufakazisa lokho kuwe. Kunjalo. Ngakho-ke, masihambe siyovusa uJesu, ezimpilweni zethu. Ubephila lapha, esikhathini esingeside esidlule. Wakuphulukisa ngesinye isikhathi, Wenza *lokhu* na *lokho*. Wayephila kuwe ngaleyonkathi. Yena, Uyaphila kulobubusuku. Mbizele enkundleni.

180 Njengoba nje ngishilo, ukuba uShakespeare ubekimi bengizokwenza imisebenzi kaShakespeare. Uma uKristu ekini, nizo—nizokholwa yiZwi likaNkulunkulu njengoba nje Enza. Wamnqoba udeveli ngaso sonke isikhathi afika ngaso; wathi, "Kulotshiwe!" Yilokho kuphela, futhi lokho kwama kuKho. USathane wayazi ukuthi Wayekukholwa lokho, futhi wasuka kuYe.

181 Khona-ke, Mbizeni ukuba aqinisekise iZwi laKhe, o, he, ukwenza amaHeberu 13:8 abe kahle, khona-ke ukungabaza nokwesaba kuyophela njengoba nje imimoya yenza. Leyo mimoya emidala idlula engqondweni yakho, "Mhlawumbe ngeke ngikuthole. Mhlawumbe ngeke kube yimina. Mhlawumbe Angeke akwenze *lokhu*." Ungakwenzi. Akukho mhlawumbe kukho. Wakwethembisa. Lokho kususa bonke omhlawumbe kukho.

182 "Ukuba ngangazi ukuthi Ubelapha!" Ngani, nangu Ezikhomba Yena uqobo, ngokufanayo nje kulobubusuku, ngemizamo efanayo nangesithembiso esifanayo Asenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni. Kungaleyondlela abafundi ababefanele baMkholwe ngayo.

183 Inkolelo edumile yayiwukuthi, "INdoda yayihlanya." Manje noma ubani uyakwazi lokho, angithi, ukuthi, "INdoda yayihlanya. Futhi Yayingumbhuli wolunye uhlobo, umoya omubi, uBelzabule owayekwazi ukufunda ingqondo yabo; omunye umoya omubi njengokubhula"?

184 UJesu wabatshela, "Lokho bekungaba ukuhlambalaza uMoya oNgcwele."

185 Manje, kulotshiwe, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza. Mina, uma Mina...Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, khona-ke celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona." Niyabo? Manje, bekulotshiwe, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo

ekufikeni kweNdodana yomuntu." Zonke lezizithembiso Abekade ezinikeza! AmaHebheru 13:8, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Zonke lezo zithembiso, bezilotshiwe. Bekulotshiwe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Bekulotshiwe, manje makwenziwe. Amen.

186 Vusa uJesu, Mbizele enkundleni! Uyesaba ukukwenza na? Uyesaba ukuthatha inselelo kaNkulunkulu na?

187 Asikhuleke, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Wonke umuntu hlonipha ngokuzithoba njengoba ungabanjalo, emizuzwini embalwa elandelayo manje, unganyakazi nje. Hlala nje uthule ngempela. Uma i-ogani izodlala kancane, uma uthanda, i . . . iculo elithile.

188 Yehla, Nkosi Jesu, ungene ezinhliziyweni zethu, usenze sazi ubuthakathaka bethu.

189 "Ngibumbe, O Nkosi." Khulekani manje. "Nkosi Jesu, ngiyadinga."

> Ngibumbe futhi ungenze, Nkosi, (ngiyisixha
> esincane nje sobumba, manje.)
> Ngokwentando yaKho,
> Ngenkathi ngisavuma, o, ngilindile,
> Ngazinikela ngathula.
>
> Yiba nendlela yaKho uQobo, Nkosi!
> Yiba nendlela yaKho uQobo!

Macala onke, esakhiweni, yonke indawo, julani nje emkhulekweni manje. Ngifuna nikhuleke.

> Mina ngilubumba.
> Ngibumbe ungenze
> Ngokwentando yaKho,
> Ngisalindile,
> Ngazinikela ngathula.

190 Isikhathi sokuthula ngempela nje manje. Khulekani nje, nithi, "Nkosi Jesu, ngenze ngibe yikholwa manje. Khipha konke ukungakholwa."

191 Ngifuna nikhuleke kancanyana ngaphambi nje kokuba ngibize umugqa womkhuleko. Indodana yami ithe ikhiphe isixha esikhulu samakhadi omkhuleko, yehlela kuzo zonke izikhala zezihlalo; nawo wonke umuntu, obefuna ikhadi, walithola. Ngizonikhulekela. Sizoba nomugqa njengoba saba nawo ngaphambilini, umugqa oyimfashini endala, yenyukela lapha futhi ukhuleke, futhi ubeke izandla phezu kwabagulayo. Ngifuna nikholwe.

192 Niyezwa sengathi ningaMbona na? Niyaqonda ukuthi Usesikebheni kulobubusuku na? Ukulesisikebhe esincane, lomkhumbi omncane, lomzimba omncane wamakholwa. Niyakholwa ukuthi Ugibele kanye nathi, kulobubusuku,

entweza kokuphila okunesizotha okubalulekile na? Uma nikukholwa ngempela ngayo yonke inhliziyo yenu, phakamisani isandla senu, nithi, "Ngiyakukholwa. Ngiyakukholwa. Manje ngiyakwamukela."

193 Baba, Uyazibona izandla zabo, nesami naso. NgiyaKukholwa, futhi. Manje silindile, Baba. Woza, Nkosi Jesu. Ngobunye ubusuku lapho abafundi babekhathazekile, babekade bekhuluma noMuntu othize, babengazi ukuthi kwakunguBani. Bathi WayenguMfokazi ezweni. Kodwa ngobunye ubusuku, ngenkathi bevala iminyango futhi beMngenisa ngaphakathi, Wenza into ethize njengoba nje Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe nokuvuka kwaKhe. Bazi ukuthi KwakunguYe. Buya futhi kulobubusuku, Nkosi, futhi usenzele lokho, Uzokwenza, ngenkathi sisalindile na? Siyazi siKubonile ukwenza. Futhi sengathi Ungasusa konke ukwesaba ezinhliziyweni zabantu.

194 NgeGama likaJesu, sengathi wonke umuntu esibeka izandla phezu kwakhe, kulobubusuku, kwangathi bangaphiliswa, bonke. Kwangathi kungebebikho umuntu obuthakathaka. Kwangathi wonke umuntu ogulayo, ofayo, inkathazo yenhliziyo, nenkathazo yabesifazane, nomdlavuza, neTB, nesifo sokuphelelwa yigazi ilukhemiya, noma kungahle kube yini, sengathi bangaphiliswa kulobubusuku, Nkosi.

195 Kwangathi, njengoba bedlula kulomugqa futhi sibeka izandla zethu phezu kwabo, kwangathi bangabona ukuthi akuhambi nje ngomuntu, kodwa uNkulunkulu nomuntu bamunye. UNkulunkulu ungene kumuntu, futhi uNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle komuntu. Yilokho Akwenzayo. Imisebenzi yaKhe ingomuntu. Wenza umuntu umlingani waKhe.

196 Lapho uJesu emi, ebuka esivunweni, Wathi, "Isivuno sivuthiwe, izisebenzi ziyingcosana; khulekani eNkosini yesivuno." Futhi WayeyiNkosi yesivuno. Ngamanye amazwi, "Celani Mina ukuba ngenze eNgikwaziyo ukuthi kulungile."

197 Kodwa Wayezixhume Yena uqobo nabafundi baKhe. Yibo ababefanele bacele. Wathi, "Aninakho, ngoba aniceli. Aniceli, ngokuba anikholwa." Kodwa, Baba, siyakholwa, futhi siyacela kulobubusuku umusa waKho futhi nathi. NgeGama likaJesu. Amen.

198 Manje, ngamunye wenu manje namakhadi enu omkhuleko, sizoba nani emgqeni. Futhi angazi ukuthi kuphi . . . Mhlawumpe basesitezi esiphezulu, esitezi esiphansi, nalapho bekhona. Sizoba cishe—cishe nohhafu wehora lapha, noma ngaphezulu, ngomkhuleko wabagulayo. Sekungelesishiyagalolunye nje manje, noma isikhashanyana nje ngemuva. Sicabanga ukuthi singakwenza, futhi sidlule.

199 Manje bukani. Manje akungahambi-muntu. Wonke umuntu akahlale athule ngempela manje. Nifuna inkonzo

yokuphulukiswa, yilokho ebesikulindile. Ngabe benilindele inkonzo yokuphulukisa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, isikhona manje. Futhi uMphulukisi ulapha, uJesu Kristu, Ulapha.

200 Manje, khumbulani, ukuba-ke Ubegqoke lesudi lapha, aYenayo kwabaKhe abafu-. . .omunye wezinceku zaKhe, UMfowethu noDadewethu Collins behlezi lapho, abavela etabernakele lami, ukunginika na? Kuthiwani ukuba—ukuba Ubelapha egqoke lesudi, futhi Ubemi lapha njengoba nje ngimi lapha manje na? Niyazi, uma ubungathi, "Nkosi, Uzongiphulukisa," niyazi ukuthi Ubengeke akwenze ngokumelana nokungakholwa kwakho na? Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Ubuzofanele uMkholwe ngokufanayo njengoba wenza manje. Kunjalo. Ubuzofanele uMkholwe njengoba nje wenza manje.

201 Futhi khumbulani, lokho Asevele ekwenzile, Angeke aphinde akwenze. Niyabo, Ukubeke ngokuphelele ekufinyeleleni kwaKhe manje. Ukubeke ekufinyeleleni kwakho. Wenze konke Angakwenza. Ngabe kunjalo, befundisi na? Niyabo, akukho-nto Angayenza ngakho. Kungaphandle kokufinyelela kwaKhe. Kusekufinyeleleni kwakho. "Ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Niyabo? Niyabo, kungaphandle kokufinyelela kwaKhe. Kunjalo, kodwa Ukulethe ekufinyeleleni kwakho. Kusekufinyeleni kwakho manje. Kwabekelwa wena lapho. Uyovele akukhombe lapho kwakukhona.

202 "Awu," wena uthi, "Uma ngi. . .Bekuhlala kuyindida kimina. Uma Ekhona, uma. . .Ngempela, iqiniso liwukuthi, ngabe Usaphila na?"

203 Impela, Uyaphila. Yini lena ongqubuzeka kuyo ngasosonke isikhathi na? Yini lena ekulahlayo lapho unephutha na? Yini lena ekwenza ukholwe na? Loyo nguYe. Ungahle ungakwazi ukuvula amehlo akho futhi uMbone, ngoba Usesimweni somoya, uNkulunkulu ongabonakali. Kodwa Uhlala phakathi kwabantu ababonakalayo, Ezenza abonakale ngeZwi laKhe elithenjisiwe kulabobantu. Niyakuqonda lokho manje na?

Lapha, ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko, ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzokwenza lokhu.

204 Mina, ngiyanithanda, Life Tabernacle. Niyakwazi lokho. Ngibe umfowenu. Ngizamile ukuba nguye, noma kanjani. Ngenze okuningi ukwehluleka, kodwa ngizamile ukuba nguye.

205 Lalelani. Akuthi dwe kuwe, kulobubusuku. Vuka, ngaphambi kokuthi kube leyithi kakhulu. Niyabo, vuka, masinyane. Ulapha kanye nathi. Manje ngifuna ngamunye wenu. . .

206 Ngizo, ngokujula kwenhliziyo yami, ngizozama ukubiza abantu engibaziyo kulesisakhiwo, futhi, akunandaba noma

ngikubuka ngikwedlule, lokho kukhombisa ukuthi nge—ngedlula ngakuwe; uma ukuKhanya kwa—kwalokhu kuphezu kwakho, ngizokudlula ngakukho.

207 Ngiqinisekile impela ukuthi lona nguMfowethu uJulius Stadsklev, umkakhe nomndeni, behlezi khona lapha kulesisihlalo esingaphambili. Ya, ngiqinisekile ngalokho.

208 Futhi khona-ke umuntu olandelayo engimbonayo, engimaziyo. Manje umzuzwana nje. Ngibone omunye umuntu emizuzwaneni embalwa edlule, engicabange ukuthi ngiyambona, futhi lowo bekunguMfowethu Evans, kodwa sengilahlekelwe yilapho ekhona manje. Mfowethu Welch Evans, ya, ya, ngiyaxolisa. Yebo.

209 Futhi uFritzinger ehlezi eduze kwakhe ngqo. Lowo ngumndeni ohlezi khona lapha. Abakwa-Evans nabakwaFritzingers behlezi lapho ndawonye.

210 Futhi manje nangu uMfowethu noDadewethu Dauch, behlezi khona lapha. Ngiyabazi.

211 Futhi ngiyayazi lentombazanyana lapha, enye yabo. UJune omncane, leyo yindodakazi kaMfowethu Evans noDadewethu Evans.

212 Futhi ngimzwile uFred Sothmann ethi, "Amen." Akekho owusho njengaye. Uphakathi lapha ndawana thize. Angazi ukuthi ukuphi. Usemuva ngemuva, ndawana thize. Ukuphi wena, Fred, kuphi, kuphi na? O, yebo, emuva lapho.

213 Futhi ngabe lowo nguMfowethu Wood ohlezi lapho ngakuwe na? Ya, Mfowethu Wood. Kulungile.

Awu, lona ngumfana weteyipu ohlezi lapha, uJim Maguire.

Futhi lowo nguMfowethu Blair ohlezi khona lapho.

214 Kulungile, ngicabanga ukuthi yilokho kuphela engikubonayo engikwaziyo. Manje, kungenzeka ukuthi ngikubonile. Obunye bobuso benu bubukeka sengathi ngibubonile, kodwa angazi ukuthi bangobani. Manje, uMoya oNgcwele uyakwazi lokho.

215 Kodwa manje, nina bantu engi . . . ukuthi—ukuthi—ukuthi ngiyanazi, uyazi ukuthi ngiyakwazi, awazi yini, vele nje—vele ukhuleke nje. Ungakhulekeli lutho okwakho. Ungazami ukuMthinta. Khulekela mina nje, niyabo. Khulekelani mina nje, ukuthi uNkulunkulu enimaziyo ukuthi ngiyamkhonza, ukuthi Angahle abe nesihawu komunye umuntu ohlezi eduze. Manje khulekani. Futhi asiMcele nje uma EzoZikhomba, uMesiya.

216 Ya, ngiyakholwa . . . Anginasiqiniseko, kodwa ngicabanga ukuthi ngibona uDadewethu Moore. Ngabe lowo nguDadewethu Moore na? Ngi—ngicabanga ukuthi yena . . . Bekunguye lowo. Ulahlekelwe isisindo esincane, futhi yingakho ngingakwazanga

ukumbona ekuqaleni, kodwa ngicabanga ukuthi ngimbonile ehlezi khona laphaya.

217 Manje khulekani nje manje, wonke umuntu akabe nje—abe nje ngohloniphayo ngokuzithoba. Futhi nibuka lokhu... noma bukani phansi, noma yini enifuna ukuyenza, futhi khulekani nje.

218 Futhi manje lalelani, ngifuna ukunibuza okuthize. Manje ake ngithathe lomBhalo okwalobubusuku, esikhundleni sokuba owesifazane athinte ingubo yaKhe. Asikubuyisele nje kulokho ebengikade ngikushumayela, iZwi. Manje, iBhayibheli lasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kakhulu, kunenkemba esika nhlangothi zombili," lokho amaHeberu 4, "futhi LaHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo nengqondo." Ngabe kunjalo na? Manje, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini." Manje, iZwi liyisithembiso, ukuthi iZwi qobo lwaLo linguMahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo. Ngabe kunjalo na? Manje khuleka. Bekungacaca kakhulu kanjani lokho na?

219 Khuleka manje, hlonipha ngokuzithoba ngempela nje futhi ukhuleke. Ngingakwazi. Nje, nawe engikwaziyo, khulekela omunye umuntu engingamazi, ukuthi iNkosi izothinta omunye umuntu; ukuthi bangahle, ngokuthintana.

220 Manje, ngokushesha, ngiyaKubona kukhuphuka. Ngakwesokunxele sami, ngale maqondana nodonga, kwesokunxele sami esikhulu, yindoda ehlezi lapho ekhulekayo. Angiyazi. Futhi lokho kuKhanya kulenga ngqo phezu kwayo. Futhi indoda inenkathazo yephaphu eyikhulekelayo. Isibe nokuhlinzwa okuthi akube kubili kulawo maphaphu. Iyi—indoda ephakathi nendima yempilo, ifake izibuko, izinwele ezimpunga. Futhi yona i...Uyakholwa, mnumzane na? Indoda engikhuluma kuyo, uMnu. Buford. Igama lakho lelo, mnumzane. Uyakholwa manje, uJesu Kristu uzokusindisa uma uzokukholwa.

221 Angikaze ngiyibone leyondoda empilweni yami. Manje uma kukhona noma ubani ofuna ukuyibona; ubungama ngezinyawo zakho, noma ngabe indoda ibingubani. Sukuma, lapho, lapho. Nakho lapho ukhona. Angikaze ngiyibone empilweni yami. Manje, yini, yini leyo na? Yima. "Ungakuchaza lokho, Mfowethu Branham na?" Ngeke ngikwazi. Ubani ongachaza lokho na? Angikwazi. Qhabo.

222 Lapha, kukhona inenekazi elihlezi emuva le ngasemuva. Futhi ngiyalibona likhuleka. Futhi ngibona indoda ididizela, futhi ithi ukuphonsa izandla zayo phezulu emoyeni. Iyadiyazela. Ngumyeni walo. Uhlulwa wuphuzo. Uyaphuza, ngaso sonke isikhathi. Futhi likhulekela ukukhululwa kwakhe. Igama lalo nguNkk. Morgan. Phakamisa isandla sakho. Kunjalo. Ngiyisihambi kulo, kodwa lelo yiqiniso.

223 Sukuma, nenekazi elisanda kubizwa nje. Nakho lapho ukhona, futhi angimazi owesifazane. Ngitshele ukuthi uthinteni, emuva le lapho. Liyini iZwi na? "UMahluleli, futhi wemicabango nezizindlo zenhliziyo."

224 Nonke ningahlala phansi manje, nijabule, nithokoze, uma nifisa ukuhlala phansi. Anidingekile; vele uzisize qobo lwakho, noma yini ofuna ukuyenza. Thokoza nje ujabule, ngoba iNkosi ibe yinhle kuwe.

225 Nanti inenekazi khona phandle lapha ngaphambi kwami. Futhi liyagula kakhulu, mhlawumpe ngaphezu kwalokho elicabanga ukuthi belinakho. Empeleni lihlushwa umongozini, futhi uba ngumdlavuza. Nkk. Morgan . . . hhayi uNkk. Morgan, ngiyaxolisa. NguNkk. Anderson. Uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokusindisa. Uyakukholwa lokho, nenekazi na?

226 Yima ngezinyawo zakho, uma lokho kunjalo. Angilazi inenekazi. Livumelana ncamashi naleli elinye inenekazi, futhi ngiyakubona lokho kusalenga lapho. Yingalesosizathu. Ngobunye ubusuku . . . Ungahlala phansi, uma ufisa, dade. Futhi ukholwe, futhi uzophiliswa.

227 UMnu. Wood lapha, ngehla naye, ngokuzingela usuku, ezansi eKentucky. Ngathi ngisamile lapho endaweni, usibari wakhe, hhayi umKristu, owadlulayo, ecabanga ukuthi wayenomdlavuza emphinjeni wakhe. Ngangibone umbono ngalokho kusa, wowesifazane egqoke ingubo eyisikoshi. Wayegqoke ijazi elibomvu, futhi ngenkathi engena kwelinye igumbi futhi (wayengazi ukuthi kungani edlula) wakhumula lelojazi elibomvu, wabuya, wayegqoke ingubo eyisikoshi. Ngathi, "Woza lapha." Kwaba yilokho-ke. UMoya oNgcwele wamtshela ukuthi kwakuyini, futhi kwakuyilokho. Akadingekanga ngisho ukuthi aye kudokotela. Kwase kuphelile.

228 Emizuzwini embalwa emva kwalokho, kwakukhona indoda, ngingazi ukuthi yayikhuphukelani, ibulawa yinkathazo yenhliziyo. Futhi yathi, "Ngabe ukhona ohambisana naye na?"

229 Futhi inenekazi lathi, "UMfowethu Branham uphandle lapho noBanks."

230 Wathi, "Makabongwe uNkulunkulu!" Futhi ngangena lapho. Ilele emuva esihlalweni, ibulawa ukuhlaselwa yinhliziyo; iNkosi yayiphulukisa. Ezinsukwini ezimbili noma ezintathu emva kwalokho, wathi akabanga nankathazo yayo kusukela lapho.

231 Kukhuphuka usibari, engena, umalokazana, njalo, intombi, uNkk. Cox. Futhi etabernakele, ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, kwakukade kukhona inenekazi elaphulukiswa, linesifo sikashukela, elalihlezi. Ngiyibonile leyontombazane isukuma embonweni. Bengingeke ngiyibize, ngoba iza lapho kulelotabernakele. Futhi usuku noma ezimbili

emva kwalokho, yayiyiswe emtholampilo ukuze iyohlolwa, futhi yayinesifo sikashukela esesabekayo. Yayisendleleni yayo-ke ebuyayo ukuthola okwayo—okwayo—ukuhlolwa kwayo igazi futhi. Futhi khona-ke yadingeka iyeke umsebenzi, izingalo zase zivela zaba ndikindiki, nezinto. Futhi ngathi, "Margie, lapho udokotela ekuhlola, ukukholwa kwakho kukuphulukisile." Futhi bamyisa emtholampilo, umtholampilo ofanayo futhi, baphinda bamhlola, futhi wawungasekho. Kwaqhubeka kwaqhubeka, kwaqhubeka kwaqhubeka, kulokhu kuqhubeka nje, ngoba UnguNkulunkulu, futhi Akehluleki. Uyakukholwa lokho na?

232 Ngibona indoda ihlezi lapha, ingibuka manje. Inenkathazo encane empilweni yayo, yayibe nozagiga ngenkathi yayi... Ithi ukuba nento ethile enhliziyweni yayo. Iyangibuka ngqo. Abantwana bayo bonke ngabafana. Ifuna intombazane manje. Niyazi, leyondoda ingumshumayeli, futhi. Mnu. Bird, Mfundisi uMnu. Bird, phakamisa isandla sakho, mnumzane. Lelo yiqiniso, akunjalo na? UNkulunkulu akuphe isicelo sakho, mnumzane. Ya.

233 Niyabona ukuthi kulula kanjani na? UNkulunkulu uhlala ebululeni. Niyakukholwa lokho na? Esebenza ebululeni, ukwenza izimanga zaKhe.

234 Wena ulahlekelwe umuzwa wakho wokuhogela, awuzange, nenekazi na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uhlezi lapho ungibuka ngokwethembeka kakhulu, ubukhulekela ukuthi ngikubize. Unaso isicelo sakho. Ungunkosikazi womfundisi. Kunjalo. Ulahlekelwe umuzwa wakho wokuhogela. Futhi unomthwalo omkhulu enhliziyweni yakho. Unamadodana amabili owakhulekelayo. Kunjalo. Igama lakho unguDadewethu Leggs. Angikaze ngimbone empilweni yami.

235 "Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka." Ngabe kunjalo na? "Konke kuyenzeka, uma ukholwa." Uyakholwa manje ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? Akasiyena uMahluleli wemicabango, izizindlo zenhliziyo na? Yena uyazi.

236 Buza labobantu, hlola nxazonke, uma noma ubani engabaza. Babuze. Angikaze ngibabone abantu, empilweni yami. Yebo, mnumzane.

237 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angalikhipha lelothumba kuwe na? Uqalaza lapho ephulukisweni kwakhe, uyakholwa ukuthi Ubengaliphulukisa ithumba, akusindise na? Uyakholwa na? Lelinenekazi lapha eduze kwakho, nalo, nokuvuvukala emzimbeni walo, nezinto, ucabanga ukuthi iNkosi ibingakusindisa, nobabili na? Niyakholwa na? Kulungile, Angakwenza, uma nizokukholwa.

238 Wena ohlezi, ungibuka lapho, mnumzane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yendlala yesinye na? Uhlezi khona lapho emuva ufake lowothayi omnyama,

uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa inkathazo yendlala yesinye na? Yilokho onakho. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile lokho. Kulungile. E-hhe. Niyabo?

239 Uyakholwa na? Usemkhunjini. Nangu Ukhona khona lapha, iZwi laKhe lenza nje lokho Elathi Liyokwenza, lithatha izimfihlo zenhliziyo futhi liyenza yaziwe. "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade."

240 Nkosi Jesu, ngikhulekela lamaduku abekwe lapha, laba abagulayo nabahluphekile. Emva kokuba semi lapha, Nkosi, kulo kanye iPhimbo likaNkulunkulu elidalayo likhuluma ngezidalwa ezingabantu, ngenkathi ukukholwa kungqangqazela kusuka koyedwa kuye komunye, kwangathi lamaduku angabusiswa. Futhi abantu abazowabeka phezu kwabo, kwangathi bangabusiswa futhi baphiliswe.

241 Futhi manje, Baba, ngenkathi uMoya waKho uselapha, futhi abafundi manje, abalandeli baKho manje bayabona ukuthi Usesikebheni, asikho isidingo sokwesaba. Akukho okuzolimaza noma yini. Ngani, Ulapha! UnguMdali. Makube njalo, Nkosi, ukuthi ukukholwa kwabo ngeke kwehluleke lapho bengena kulomugqa womkhuleko manje. Kwangathi bangaphulukiswa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

242 Singaqiniseka kanjani ukuthi Ulapha na? Niqinisekile na? Senelisekile. Ngenelisisekile ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Ninjalo na? Ngenelisekile. Ukuthi, ngiyazi ukuthi angizazi lezozinto.

243 Manje, awu, bukani lapha, ngifuna ukunitshela okuthize. Lezi lapha yizinto ezincane nje ezenzekayo. Kuthiwani ngalabo abahambayo, abasekhaya, futhi ohamba nami emihlanganweni nezinto na? Phakamisani izandla zenu, bazalwane, uma nina nonke, nodadewethu, nina ohamba nami emhlanganweni nxazonke, nezinto nje eyenzekayo. Ngani, lokhu yizinto ezincane nje. Lapho ngikutshela izindawo ezahlukene, nokuthi kuzokwenzekani lapha, "Futhi kube phansi *lapha*, sizohlangana nendoda. Nizozama ukungiqhelisa kuyo. Ningakwenzi, ngoba kufanele ngihambe. Umkayo uyinto *ethize-thize*. Uzophulukiswa. Ngizoyitshela *lokhu*." "Lomfana owela umgwaqo, uzocela into ethize. Ngizomtshela into ethize; uzokwenza *lokhu* futhi enze *lokho*." Ngani, kuhlala kunjalo, konke ngasosonke isikhathi, kanjalo. NguJesu Kristu, hhayi isidalwa esingumuntu. NguKristu. Ngiyisidalwa esingumuntu, kodwa Yena unguKristu.

244 "Siyini isiphiwo, Mfowethu Branham na?" Angikwazi ukusichaza. Into kuphela engiyaziyo, ngukuthi, dedela uWilliam Branham asuke endleleni, yilokho kuphela, futhi Uvele athathe ubumba futhi asebenze ngalo.

245 Niyakukholwa, nizokholwa, Shreveport na? Kukholweni ngayo yonke inhliziyo yenu, futhi ningangabazi, nizoba nakho ukuphulukiswa kwenu lapho nidlula lapha.

246 Manje, imibono ayikuphilisi. Imibono ikhomba kuphela iZwi laKhe ukuthi liyiqiniso. Niyabo, senivele niphulukisiwe. Imibono ifakaza kuphela ukuthi Ulapha futhi UseyiZwi eliphilayo. Kodwa mayelana nokuniphulukisa, akunjalo. Kuyanazisa kuphela ukuthi Ulapha. Usevele uniphulukisile; iGazi laKhe. Isizathu sokuthi Ulapha yingoba Ukuphilisile. Isizathu sokuthi Ulapha yingoba Ukusindisile. Impilo yaKhe yanikwa wena. IGazi laKhe lachitheka. Futhi Ulapha ngesimo sikaMoya oNgcwele, ukusebenza ngathi, ukufakazisa ukuthi Ulapha. Kodwa ukuphulukiswa kwakho kunokukholwa kwakho. Uma ukukholwa, kunjalo. Amen.

247 Manje bangaki ku*lolu* hlangothi onamakhadi omkhuleko, ngakulesisikhala sezihlalo ngapha na? Ngifuna niphume ezikhaleni zezihlalo ku*lolu* hlangothi. Futhi kothi nje bangaqeda, khona-ke *lesi* sikhala sezihlalo baphumele ku*lolo* hlangothi. Bese kuthi-ke *lesi* sikhala sezihlalo lapha sijikeleza ngqo futhi silandele ngqo ngemuva, na *lesi* lapha, futhi sizoza ngqo ngapho ngomkhuleko.

248 Mfowethu Jack Moore, ukuphi yena na? [UMfowethu Moore uthi, "Khona lapha."—Umhl.] Ngabe—ngabe kulungile uma ngibiza abefundisi ukuthi bazongisiza na? ["Kulungile ngokuphelele, mfowethu."]

249 Noma yimuphi umfundisi lapha, okholelwa eMlayezweni weNkosi, okholwa ukuthi iBhayibheli lifundise lezizinto, futhi nenelisekisile ukuthi uJesu Kristu ulapha nathi kulobubusuku, futhi nizofuna ukuza lapha futhi—futhi nisisize sibeke izandla phezu kwabagulayo. Uma wena . . . Uma kukhona okuthile empilweni yakho manje okukuvimbela ekukholweni, ungezi, niyabo, ngoba ufanele ukholwe ukuthi uma ubeka izandla zakho phezu kwalomuntu ukuthi bazosinda. Uhlanganisa ukukholwa kwakho kuphela nokwabo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Uhlanganisa ukukholwa kwakho nokwabo, ngokuthintana nabo, ubeka izandla zakho phezu kwabo. Futhi uma unokungabaza okuncanyana ngakho, ungakwenzi.

250 Bese kuthi-ke, buka, wonke umuntu oza emgqeni womkhuleko, uma unokungabaza okuncanyana, ukuthi ungeke uphulukiswe kulobubusuku, ungangeni. Kuphela kuzokwenza ube mubi kakhulu. Niyabo, uzoya ngokuba mubi kakhulu, niyabo, ngakho-ke unganeni emgqeni womkhuleko. Linda kuze kube kusasa. Kwenze kusasa ngesinye isikhathi, ngesinye isikhathi lapho unokukholwa. Ungakwenzi, ngoba okwalabo kuphela abanokholwa ukuba bakholwe.

251 Manje ngifuna nina bazalwane abangabefundisi ukuba nenyukele lapha futhi nime kanye nami ngenkathi sisakhulekela abagulayo. Futhi nina enisemsamo, yehlani khona lapha ngaphambili manje, ezansi ngqo phambi kwesikhala sezihlalo lapha, ngoba angeke silethe lawomakesi, nezihlalo ezinamasondo nezinto, phezulu ngaphezu kwalesisikhala sezihlalo. Ngizokwehlela phansi lapha ngqo futhi ngibakhulekele. Yehlelani lapha ngqo, nanoma yimuphi wenu ndoda emuva lapho ongabefundisi abakholwayo ngenhliziyo yenu yonke.

252 Futhi manje nguwe, uqotho, u—ukufuna ngempela, uyakholwa ukuthi kuzokwenzeka. Niyabo? Futhi khona-ke uma ukukholwa, futhi bayakukholwa; futhi lapho nibeka izandla zenu phezu kwabo, okuthize kuzofanele kwenzeke, uma nobabili nizokukholwa. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

253 Kulungile, shayani umugqa khona lapha, bazalwane. Yenzani umugqa okabili unqamule ngqo *ngale* ndlela manje, ngamunye wenu mfowethu okhonzisayo. Ngifisa sengathi ubungehla *ngale* ndlela nje kancanyana, ukuze bezoba nalesosikhala sezihlalo ukuba babuyele emuva ngaso, uma nithanda, ngoba abanye balaba ngapha bazobuyela emuva ngqo ngalesisikhala sezihlalo esimaphakathi nendawo. Uma nje nizothi ukwenza indlela yenu khona ezansi lapha, bafowethu, uma nithanda. Lokho kulungile.

254 Ngicabanga ukuthi besifanele sibonge iNkosi nge—ngeqembu lendoda elinjengaleli, elizimisele ukugqama ebusweni babagxeki, noma yini enye, futhi bathathe ukuma kwabo, futhi bathi, "Ngiyakukholwa." Amen. Ngiyabonga kakhulu ngendoda yalolohlobo. Ngiyajabula ukubeka amahlombe ami nawabo, ukubeka inhliziyo yami neyabo, ukubeka imizwa yami neyabo, ukubeka ukukholwa kwami nokwabo. Futhi ukuzungeza i—iSinkwa sokuPhila neZwi likaNkulunkulu, singabafowethu ndawonye, izindlalifa ezihlangene eMbusweni noJesu Kristu. Lawa indoda angahle angakwazi ukusukuma futhi enze iZwi . . . Leso—leso yisiphiwo, leso yisiphiwo nje, ukukhombisa uphawu lokugcina ngosuku lokugcina. Yilokho kanye okumele kukwenze. Kodwa lawa indoda inelungelo elifanayo ncamashi lokubeka izandla phezu kwabagulayo, njenganoma ubani omunye; mina, noma u-Oral Roberts, noma u-Tommy Hicks, noma u-Tommy Osborn, noma ubani omunye. Banegunya elifanayo, ngoNkulunkulu ofanayo, ngoba bayizinceku zalowoNkulunkulu ofanayo.

255 Manje uma nina bantu . . . Ngizoba noMfowethu Price, noma omunye, noma uMfowethu Moore. Uzoza usisize sikhuleke, noma uzohlala e . . . ? [Umfowethu uthi, "Qhabo, ngizokwehlisa imayikhi ezansi lapho."—Umhl.] Kulungile, uzokhwehlisa imayikhi. Kulungile. Manje ngizoba noMfowethu Price. Manje lapho sidlula lapha . . .

256 Manje bukani, makukuxazulule lokhu. Lokho yikho. Awudingi ukuba uMnyakazise. Awudingi. Vele uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyakukholwa." Niyabo, Uvukile khona manje. Usevele uZifakazisile. Usevele uvusiwe, phakathi kwenu. NgiyaMuzwa, futhi ngiyazi Ulapha ngoba ngibona ubufakazi baKhe, indlela Asebenza ngayo. Cabanga nje, uMdali uqobo lwaKhe, uLizwi qobo lwaKhe, wenziwe wacaca, wafakazelwa khona lapha nathi kulobubusuku. Futhi uma nithatha izwi lami, lihamba kuso sonke isakhiwo kanjalo. Belingama lapha futhi lilokhu libiza, libiza, libiza, libiza. Kodwa, ngiqagele, abantu abayisishiyagalombili noma abayishumi, noma mhlawumbe ngaphezulu, wakhishelwa emgqeni. Lokho kwanele ukukhomba ukuthi uBukhona baKhe bulapha.

257 Manje, Mfowethu Price, uma uthanda, ngifuna ibandla licule kancane ngempela, "INyanga enkulu manje iseduze, uJesu onozwelo." Uma Afa ukuze niphiliswe, impela Unozwelo nokugula kwenu. Yena, Uyazwelana nani ngoba niyagula. Futhi njengoba nidlula emgqeni, amadoda kaNkulunkulu izobeka izandla phezu kwenu. Ngizoma lapha futhi ngithathe indawo yami nalamadoda kaNkulunkulu. Ngibuyele emuva ngizungeze futhi . . .

258 Manje, bukani, ningakukhohlwa lokhu manje. Cabangani kanzima manje. Uma udlula emgqeni, yiba nokukholwa kwakho kuqiniswe kanjena, "Uma ngifika ekupheleni kwalowo mugqa, konke sekuphelile. Ngehlela ngqo kulesosikhala sezihlalo. Ngimi lapha, ngiyagula. Ngimile lapha, ngikhathazekile. Ngimi lapha, nginokwesaba. Ngimi lapha, ngingazi ukuthi yini futhi yini ezokwenzeka nokuthi kuzokwenzekani. Udokotela washo *lokhu*, futhi basho *lokhu*, futhi bathi . . . Kodwa lapho ngehlela lapho, ngizophakamisela izandla zami emoyeni, ngibonga iNkosi ukuthi ngiyaphila." Futhi bukani nje ukuthi kwenzekani. Manje bengingathanda . . .

259 Izikhathi eziningi, abantu banokuzwa kakhulu lapho ubabuka; abantu abagulayo, ikakhulukazi. Bayakubuka. Futhi, yilokho, i—i—iso liyisango eliya emphefumulweni. Yingalesosizathu uJesu abaholela ngaphandle. Kusobala, angeke kube nabaningi abaphulukiswayo ngalendlela njengoba bekungaba njalo uma ubenabo ngamunye, ngesikhathi sokuphuma, nokukwehlisa. Kodwa bukani ukuthi bangaki abafuna ukukhulekelwa, niyabo. Awukwazi ukubathatha kanjalo. Kodwa manje lena yindlela ukukholwa kwakho okufanele kukubambe ngayo.

260 Manje, ungasho ukuthi, "A—angazi ukuthi yini, ngingakuchaza kanjani." Akukho muntu owaziyo.

261 Kodwa siyakukholwa ngoba iZwi lasho njalo. Futhi uKristu oqinisekisiwe ulapha nathi; siMbizele enkundleni. Wenzeni ngenkathi siMbiza na? Wasikhombisa, "Nginguye izolo,

namuhla, naphakade." Amen. Kholwa kuphela. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, ngenkathi thina . . . namakhanda ethu ekhotheme manje.

262 Futhi uMfowethu Price, noma abanye babo lapha bazo . . . UMfowethu Price uzoqondisa imigqa, futhi ngamunye uyadlula, futhi buyelani esihlalweni futhi, njengoba sicula *INyanga eNkulu*.

263 Futhi sizokhuleka. Manje makuthi wonke umuntu, ngaphambili, ngifuna ukukhuleka. Isizathu . . . Masikhuleke manje. Khumbulani, uPetru, ngenkathi ebizelwa endlini kaDorka, wakhuleka ekhoneni; wasukuma, waya ngale, wabeka isandla sakhe kuDorka, wayesethi, "Dorka, sukuma."

264 Baba waseZulwini, nathi sikhuleka kanjalo. Ulapha. UZenze waziwa. Wena uyiNkosi yethu, uMsindisi wethu. Usiphulukise izikhathi eziningi. Ngehora lapha, lapho amakhulu abantu azobe evela kuleyondlu engaphansi nangokuzungeza kuzozonke izindawo, ukuba baphulukiswe. Bazobe beza kulomugqa womkhuleko. Nazi izinceku zaKho, sonke, sikholwa ukuthi Uzokwenza lokho nje Okwethembisile. Futhi siyahamba lapha ukubeka izandla zethu phezu kwalaba besilisa nabesifazane, abafana namantombazane, njengoba bedlula kulomugqa. Kwangathi ngamunye wabo angakholwa, Nkosi.

265 Futhi sizocula lelihubo elimnandi elidala, *INyanga eNkulu*, futhi lowo nguWe, Nkosi. Manje siyaphuma esisekelweni sika ISHO KANJE INKOSI. Ukukholwa kwethu kuyasitshela, kubhakuza ezinhliziyweni zethu uqobo, ukuthi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Futhi singabakholwayo. Simile, impi enamandla, futhi sizobhekana nenselelo kaSathane. Sihlangana nayo eGameni likaJesu Kristu.

266 Kulungile, Mfowethu Price. Futhi manje wonke umuntu namakhanda abo ekhotheme, ekhuleka, nabanye benu nicula *INyanga Enkulu*. Futhi umugqa womkhuleko uzobe uhamba. UMfowethu Price uzobe ehola iculo, futhi eqondisa abantu lapho bedlula. INkosi inibusise manje. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

267 UJesu wathi ngesinye isikhathi, "Niyakwazi eNgikwenze kini na?" Niyabo?

268 Bangaki abakholwayo manje, nezandla ziye phezu kwabo, umugqa uza wedlula lapho, ukuthi lokho kwenze khona impela uJesu athi kuyokwenza na? Niyakukholwa lokho na? IZwi laKhe alinakwehluleka. Ngenxa yokuthi ukushilo lokhu, ngenxa yokuthi ufakazile ukuthi uyakukholwa, Ngizokukholwa lokhu ngenhliziyo yami yonke, futhi ngithi, "UNkulunkulu uSomandla uyakuphilisa," uyabo, ngoba ngiyazi ukuthi ngumBhalo. YiQiniso. Ngikholwa ukuthi wonke umuntu, odlula emgqeni, uzophiliswa ngokuphelele.

269 Manje wenzani ngakho na? Awukungabazi. Ukubambe ngqo phambi kwakho, uPhawu lwakho. Luyini uPhawu lwakho na? UMoya oNgcwele enhliziyweni yakho. Udlulile kulowomugqa, kuzofanele kwenzeke. Ayikho indlela yakho . . . Akunandaba ukuthi mingaki osudlule kuyo ngaphambilini, lokhu yikho. Leli yihora. Lesi yisikhathi. Sekuphelile. Kuxazululiwe. Khohlwa nje ukuthi uke wagula, noma uke waba nakho, uke wahlupheka, kumbe noma yini. UNkulunkulu uzokunakekelela wena. Uyakukholwa na? Amen. Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke.

270 Manje asisukume, ngamunye wethu, siphakame *kanje*. Futhi, manje, njengoba umfowethu eshilo encwajaneni yakhe engiyifundile namuhla, ukuphakamisa isandla sakho kuwuphawu lomhlaba wonke lokuzinikela. *Nginikela Konke*. Asilicule.

Nginikela, (Nginikela konke!)
Konke kuWe, Kristu wami, Msindisi wami,
Nginikela konke.

. . . Jesu, ngi . . .

271 "Intando yami, ukungabaza kwami, ukukholwa kwami, inhliziyo yami, umzimba wami, ukugula kwami, impilo yami, nginikela konke!"

Ngiyohlala ngimthanda futhi ngiMethemba,
EBukhoneni baKhe bokuphila kwansuku zonke.

272 Manje kushoni ngayo yonke inhliziyo yenu manje, njengoba niphakamisa izandla zenu.

Ngi . . .

"Nginikela ukukholwa kwami, Nkosi. Nginikela konke okwami. Ngiphulukisiwe."

. . . nikela, (nginikela konke!)
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Nginikela konke.

273 AkaMangalisi yini na? Manje, cabangani, sikuqondile lokho, yonke into isinikelwe. "Angisewona umcabango ongowami uqobo. Angeke ngisacabanga njengoba bengingacabanga, Nkosi. Ngizocabanga nje njengoba Ucabanga. Futhi, Uthembisile ukuthi ngiphulukisiwe, ngicabanga lokho. Nginikela ukucabanga kwami. Angeke nhlobo ngisacabanga ngokugula kwami. Angeke ngisacabanga ngesifo ebenginaso. Angicabangi ngalutho ngaphandle kokucabanga lokho Okushilo."

274 Manje ngaphambi kwenu ngqo kumi umuntu njengoba ubunjalo emizuzwini embalwa edlule, ubugula ezansi lapha, kodwa kukhona umuntu ophilile omi lapho. UJesu Kristu ubiza lowo muntu ophilile ngaleya kwakho ngqo. Manje wena nje, ngokukholwa, njengoba uvala amehlo akho, hamba ungene ngqo

kulowomzimba ophilile, niyabo, khona-ke qhubeka uhamba, yiba ulokhu uhamba nje.

Nginikela konke,
INkosi inibusise.
Ngi . . .

*Hambani, Nivuse UJesu* ZUL63-1130E
(Go, Awake Jesus)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibeko kusihlwa, ngoNovemba 30, 1963, eLife Tabernacle eShreveport, eLouisiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

